# UNkulunkulu Ongaguquki Esebenza Ngendlela Engalindelekile

Kholwa kuphela, kholwa kuphela,
Konke kuyenzeka, kholwa kuphela.

2 Asikhothamise amakhanda ethu okomzuzwana nje ngomkhuleko. Ngijabule kakhulu ukuba nani kulobubusuku. Futhi into yokuqala esifisa ukuyenza manje ngukukhuluma kuLowo esize ukuzombona, iNkosi uJesu. Asikhuleke.

3 Baba wethu waseZulwini, lokhu sikuthatha njengenhlanhla enkulu ukuba kulelibandla elincane kulobubusuku, enkonzweni yeNdodana yaKho ethandekayo, iNkosi uJesu, uMsindisi wethu. SiyaKubonga kakhulu ngomusa Asinike wona, echitha iGazi laKhe, ukuze thina, esingcolile, singahlanzwa ngokuBuyisana kwaKhe okukhulu.

4 Sikhulekela iBandla emhlabeni wonke, yonke indawo, kuwo wonke amalunga, wonke umelusi. Sikhulekela ikakhulukazi leli bandla kanye nomelusi walo, kulobubusuku, nomhlambi omncane ogogobele lapha kulengxenye yedolobha. Njengamalunga oMzimba kaKristu, sikhulekela ukuthi Uzobabusisa, Nkosi. Busisa abadikoni, abaphatheli. Futhi kuyinhlanhla enkulu ukuza, kulobubusuku, ukwabelana inhlanganyelo ndawonye, Nkosi, esinakho kulomhlaba ofanayo ngoKristu.

5 Manje, Nkosi, sikhulekela ukuthi Uzosindisa wonke umuntu lapha ongasindiswanga, kulobubusuku. Futhi uphulukise wonke umuntu ogulayo lowo ogulayo. Futhi ugcwalise ngoMoya oNgcwele labo abalambele futhi bomele okunjalo. Yiba seZwini, kulobubusuku, Nkosi, futhi usigeze ngamanzi eZwi, sisalinda ngokuqhubekayo. EGameni leNkosi uJesu, siyakucela. Amen.

Ningahlala phansi.

6 Ngiyabingelela kuMfowethu Searles, kanye nomhlambi weNkosi ogogobala kulamaphethelo edolobha. Ngijabula kakhulu ukuba lapha kulobubusuku, ukwabelana ngalesisikhathi senhlanganyelo nani, bangane bami abathandekayo. Futhi ngibona abaningi bamile. Sethemba nje ukuthi angeke sibe mude kakhulu, uMlayezo omncane ovela eNkosini, futhi ikakhulukazi isikhathi sokuhlangana ndawonye. Futhi ngicabanga ukuthi ngahlangana nomfowethu phambilini,

ndawondawo. Futhi ngiyazi ukuthi ngangibazi ubuso bakhe, kodwa igama lizwakala njengelejwayelekile kimi.

7 Futhi ngakho thina, kulo lonke ibutho elikhulu kakhulu lamasosha kaNkulunkulu, limasha libheke ekunqobeni kokugcina ekupheleni komgwaqo. Nakini maKristu akhona lapha, nihamba, ukuthula kukaNkulunkulu makube phezu kwenu.

8 Futhi ngethemba ukuthi uNkulunkulu uzolibusisa lelibandla elincane. Futhi sengathi lingakhula libe ngelikhulukazi, ibandla elikhulu lapha, onke amalunga agcwaliswe ngoMoya oNgcwele; futhi elalela kakhulu uMoya, kangangoba isono asikwazi ngisho nokungena eminyango ngaphandle kokubizwa nguMoya oNgcwele. Lolo wuhlobo lwebandla esilubhekile, futhi silwela ukuthi singaba nalo. Ngikholelwa ukuthi lezo zinto zingenzeka.

9 Futhi manje kungenzeka, futhi, ukuthi uma nje sizozithoba kuNkulunkulu, futhi silalele iZwi laKhe, futhi sikholwe kuJesu ngenhliziyo yethu yonke, Ngikholwa ukuthi kuzofika iBandla ukuthi lapho lezozinto zizokwenzeka khona. Ngiyazi ukuthi kuyoba yindlala e—enhliziyweni yawo wonke umfundisi, ukungena ebandleni eligcwaliswe kakhulu nje ngoBukhona bukaNkulunkulu, futhi—futhi wonke umuntu evumelana nje kakhulu noMoya, kuze kungabibikho isono, ilungu elilodwa belingeke lenze isono. Bathi nje bengangena lapho, bayokwazi kangcono kunokuza ebukhoneni balelobandla, nalesosono empilweni yabo. UMoya oNgcwele uzosibiza khona lapho, khona manje, futhi athi, "Yi*lokhu* okuyikho." Manje, nanso indlela okufanele sibe ngayo, bangane. Lolo uhlobo lwebandla. Futhi silwela lokho, bazalwane, asinjalo na? Sonke silwela leyonto, futhi siyafisa futhi siyethemba.

10 Futhi inhloso yami lapha ePhoenix wukuba neChristian Business Men engqungqutheleni. Babebahle kakhulu, uMfowethu Williams lapha, ukuzungeza kulesi sigejane esihle sabazalwane, ezinhlanganweni ezehlukene, kanjalonjalo. Namabandla amancane ezweni lonke lapha, nani bazalwane, kwaba kuhle kakhulu ukungingenisa, ukuba nalenhlanganyelo kanye nani. Ngijabule kakhulu ngakho, ngoba ngithanda ngempela inhlanganyelo nabafowethu. Ngicabanga ukuthi uJesu wathi, "Ngaleyondlela bonke abantu bayokwazi ukuthi ningabafundi baMi," uyazi, lapho—lapho uthando lwaKhe luhlanganyela omunye nomunye.

11 Sesibe nobusuku obuthathu manje. Futhi izolo ebusuku besisezansi ebandleni likaMfowethu Outlaw, futhi saba nesikhathi esimnandi lapho, nasenhla eTempe. Futhi khonake ngapha ukuba. . .Ngi—ngijikisiwe, futhi angazi ukuthi ngikuphi. Ngapha, ndawondawo, emuva e—entshonalanga

Phoenix sasikhona, ngobusuku bokuqala. Futhi kusasa ekuseni, ngiyacabanga, ngeleshumi nqo, kukwaMfowethu Fuller.

12 Futhi kusasa ebusuku kuseFaith Temple kuMgwaqo u-Indian, ngiyakholwa, noma kuMgwaqo u-Indian School, kumbe okuthize. Ngixovekile. Kuyini na? [Umfowethu uthi, "UMgwaqo uMcDowell."—Umhl.] McDowell? ["Mgwaqo uMcDowell."] Mgwaqo uMcDowell. I-Faith Tabernakele kuMgwaqo uMcDowell. O, he! Mgwaqo u-Indian School. Akuyona into leyo na? Ingabe iKalvari . . .? ["IFellowship Tabernakele."] IFellowship Tabernakele. Ngixovekile wonke. Ngimuzwile uBilly engitshela, ephuma, manje, "IFellowship Tabernakele."

13 Futhi, kodwa manje, nina bantu kokwenu . . . lapha endaweni yenu yomsebenzi, kukusasa ekuseni nakusasa ebusuku. Khumbulani lokho. Silapha nje sivakashile. Asifuni ukuthi nisuke ebandleni elilodwa niya kwelinye. Sizothola ukuhlangana ngesinye isikhathi ngeviki elizayo futhi, niyabo, futhi sihlanganyele ndawonye. Kodwa indawo yakho yomsebenzi isebandleni lakho. Ngikholwa ukuthi wonke umKristu ufanele ame endaweni yakhe ngaleso sikhathi.

14 Ngakho bengikhuluma nomfowethu lapha namhlanje, uMfowethu Sharrit, umngane wethu sonke oyigugu, esimaziyo sonke, uJohn Sharrit, nje i—inkosana yomuntu. Futhi uthe, "Mfowethu Branham, ngangivame ukukuzwa uthi wawuza eNtshonalanga ngolunye usuku, ukuzohlala."

15 Futhi ngathi, "Yebo, isibopho sokugcina esingibophele empumalanga sesihambile manje: umama wami. Futhi waya ekhaya ukuba abe noJesu, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule. Nomama womkami akasekho futhi."

16 Ngakho kuyiqiniso, sibheka indawo yokuhlala. Futhi—futhi uma kwenzeka sehlela ngaseTucson, ePhoenix, iNkosi isiholela ngapha, angisoze ngafuna ukuqala ibandla. Qhabo, mnumzane. Bengingeke ngikwenze lokho. Kodwa ngiyo . . . Ngiyisithunywa senkolo. Bese kuthi-ke lapho ngingena, ngithanda ukusuka ebandleni ngiye kwelinye, nenhlanganyelo enjalo. Futhi ngibe ne . . .

17 Ngicabanga ukuthi ninamabandla amahle lapha. Futhi thina nje . . . Sinamabandla ayinqwaba. Sidinga nje ukuwapakisha nya, futhi siwagcwalise phama. Yilokho kuphela. Yilokho esikudingayo. Yebo. Sivele—vele senze lokho, ngoba lapho umuntu eqala ibandla elisha, uma linoma yikuphi la likhona, khona-ke, niyabo, libophezelekile ukudonsa kancane lapha nalapho. Futhi lokho akuyona i—into okumele uyenze.

18 Ngakho uma iNkosi ibingangihola, ngifuna abazalwane bazi ukuthi bekungeke kube okwelinye ibandla. Bengingeke nje ngikwenze lokho, nhlobo. Niyabo? Bekungaba nje ukuza lapha

ukuzohlanganyela nani nonke, nonke, futhi nibe nesikhathi esimnandi eNkosini.

19 Manje, khona-ke, ningayikhohlwa iBusiness Men, iFull Gospel Business Men. La madoda akhiwe ngawo wonke amabandla enu. Nenhlanganyelo iqala ngoLwesine oluzayo kusihlwa, ngiyacabanga. Ngabe kunjalo, Mfowethu Williams na? E, phezulu eRamada empumalanga yeSitaladi uVan Buren. Futhi manje, kuzoba nezikhulumi ezinkulu phakathi lapho eziza kulomhlangano. Futhi ngi—ngifuna ngempela ukuwuthamela, mina uqobo, ukuzwa labobantu. UMfowethu Velmer Gardner, koyedwa, oyisikhulumi esivelele, nabanye abaningi babazalwane. Abanye bosomabhizinisi engingakaze ngibezwe okwamanje, bathi izikhulumi ezimangalisayo. Futhi ngijabula kakhulu ukubezwa, noma ithuba lokubezwa. Ngakho silindele ukuhlangana nani nonke phezulu lapho.

20 Bese kuthi-ke, iNkosi ithanda, ngiyacabanga, uma kuhleleka ngaleyondlela, Ngizodla isidlo sasekuseni sangoMgqibelo ekuseni, futhi ngikhulume esidlweni sasekuseni. Bese kuthi-ke, ngiyakholwa, ngeSonto elilandelayo ntambama, emhlanganweni wantambama. Futhi ngethemba ukuhlangana nani lapho-ke, nonke nina bantu abaligugu.

21 Manje, angifuni ukunigcina nimile isikhathi eside kakhulu, ngoba niphuma kusesekuseni kulobubusuku. Isizathu, sifanele siphume ngeleshumi nambili noma ngelokuqala, ukuze nikwazi ukubuyela kuSonto sikole ekuseni. Ngeke sikwenze lokho. Thina . . . Lo mhumushi lapha uthe, “Lokho akuzona izaba.” Abantu lapho, futhi ngibone ukumamatheka okuncane busebusweni bendoda. Qhabo. Sizoshesha khona manje, amazwi ambalwa nje okuzindla ngeZwi. Futhi ngithi ukuba umshumayeli owayindwe isikhathi eside, ngiqagele.

22 Futhi ngenkathi ngifika phakathi kwabazalwane bami bePentecostal, eminyakeni edlule, ngenkathi ngifika nje okokuqala, ibandla leBaptisti, Ngangivame ukucabanga ukuthi ngingumshumayeli wangempela, niyazi, ngifake iBhayibheli ekhwapheni lami. Futhi ngolunye usuku ngafika phakathi kwabantu bePentecostal, noMfu. Mnu. Daugherty, ngangehlile ukuyomuzwa eshumayela. He, wayeshumayele waze waphelelwa umoya, egexezelisa amadolo akhe, futhi ebamba umoya wakhe. Wawungamuzwa cishe izindlu zasedolobheni ezimbili. Abuye aphakame, eshumayele futhi. Ngangicophelela engangikusho ngakho, khona-ke, ngami.

23 Ngiyafika nje, futhi ngifanele ngithi ukuhamba kancane. Futhi ngingowaseNingizimu, kwasekuqaleni nje, futhi ngiyephuza ukuqala ngakho, futhi ngihlala ngileyithi. Futhi ngakho ngibekezeleleni imizuzu embalwa, futhi ngizophuthuma ngokushesha engingakwenza.

24 Kodwa ngethemba ukuthi iNkosi izosinika okuthize okuncane lapha ngaseZwini laYo, ukuthi kuzosisiza sonke ukuba sisondele kuYe.

25 Manje, ngale kuMalaki, isahluko se 3, nesigaba sokuqala sevesi le 6, ngifuna ukuthatha ukufundwa.

*Ngokuba mina iNkosi, angiguquki;* . . .

26 Ngifuna ukuthatha indaba encane, uma kuzothokozisa eNkosini, ethiwa, "UNkulunkulu ongaguquki usebenza ngendlela engalindelekile." *UNkulunkulu Ongaguquki Esebenza Ngendlela Engalindelekile.*

27 Manje, siphila esikhathini esiguqukayo. Konke kuyaguquka. Konke nje ongakubuka futhi ukubone ngamehlo akho, kuphuma emhlabeni, futhi kuyimpahla, futhi kuqala ukuguquka.

28 Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, ngenkathi ngiqala ukufika ePhoenix, ngi . . . Ukuvakasha kwami kokuqala ePhoenix kwakuyiminyaka engamashumi amathathu nanhlanu edlule, kuloSeptemba ozayo. Futhi ngahlala ogwadule, ku 16th noHenshaw. Futhi ngehlela lapho, futhi bona . . . indlu ayisekho. Kunesiteshi sikapethroli, futhi idolobha lihlezi lapho. Kanti nomgwaqo wawusuguquliwe usuka eHenshaw uya ku—kuMgwaqo uBuckeye. Ngani, ibingeke ibe khona indlela yokuba uke ukuthole, uma ubungeke nje ubuze ngapha nangapha. Futhi lokho kwenzeka eminyakeni engamashumi amathathu nanhlanu. Konke kuhluke kakhulu.

29 Ngikhumbula ngiphuma lapho kunephrojekthi enkulu yaseSalt River Valley . . . umfo omncane kanye nami sigibele amahhashi, sijaha izimbongolo zemthwalo. Manje, yipaki ezansi lapho. Ngakho iPhoenix iye yakhula isuka entabeni iya entabeni. Igcwele ezweni lonke, futhi i . . . Kube noguquko olukhulu. Ngeke wazi neze indlela yakho yokuzungeza. Lapho ngifika lapha, ngicabanga ukuthi inani labantu lalilinganiselwa ezinkulungwaneni ezingamashumi amathathu nanhlanu noma amashumi amane. Namuhla liyingxenye yesigidi. Ukuthi le ndawo iguquke kanjani, kukhombisa ukuthi ihambisana nezikhathi. Iguquka njengoba nje isikhathi siguquka. IPhoenix iyaguquka. Ezinye izindawo ziyaguquka.

30 Khona-ke siyazi futhi ukuthi imigwaqo, ngiyaqaphela, ukuthi yaguquka. Imigwaqo obujwayele ukungena kuyo, ayisangeni. Ayisekho lapho. Ihambe ngenye indlela. Uzama ukulandela umkhondo owake wangena kuwo, uyalahleka, ugijime uphume ungene ogwadule ndawana thize. Ngakho imigwaqo isiguqukile. Amadolobha ayaguquka. Nepolitiki isiguqukile. Iguquka njalo njalo, unyaka nonyaka. Ipolitiki iyaguquka. Nezizwe ziyaguquka. Izizwe, unyaka nonyaka, ziyaguquka. Ziguqula isimo sazo sengqondo. Ziguqula uhlelo lwazo.

31 Futhi ngiyaqaphela izigcawu ziguquka, njengezindawo. Bagawula imithi yamapulangwe. Behlisa intaba.

32 Futhi bona ezansi eFlorida, bayaphuma . . . Uyehla futhi uhambe ngasogwini, futhi, okokuqala wehlela lapho, akukhonto, amanzi asogwini nje. Ngokulandelayo, base benza isiqhingi laphaya ndawondawo, futhi bakha amakhaya amasha amakhulu kuso. Ukwenza iziqhingi ezenziwe ngumuntu, ukubeka iphampu enkulu olwandle futhi udonse ukhuphule amanzi futhi usifafaza phezulu, bese-ke usilinganisa ngogandaganda nezinto, futhi utshala idolobha phezu kwaso, namakhaya athile, wenza iziqhingi.

33 Kuqhunyiswa isiqongo sezintaba phandle lapha, lapho, kubukeka sengathi, wawungekwazi ukuhamba neze unogwaja. Futhi bane—banezindlu phezulu lapho, ebiza ikhulu lezinkulungwane zamadola. Izigcawu ziyaguquka.

34 Futhi siyaqaphela, abantu bayaguquka. Kwenzekile kanjalo ukuthi abantu namuhla abanabo ubungane njengoba babevame ukuba njalo. Angazi noma niyakuqaphela lapha phandle noma qha, kodwa siyakuqaphela impela emuva eNingizimu naseMpumalanga. Abantu bayaguquka, unyaka nonyaka. Baphuthuma kakhulu. Bafanele baphuthume nje bese benza *lokhu*. Bese bagijima behle ngomgwaqo, amamayela angamashumi ayisishiyagalolunye ngehora, belandela eduze kakhulu, futhi bame ejoyintini likabhiya baphuze, amahora athi awabe mabili, ngaphambi kokuba baye ekhaya. Kuyaguquka, ngokuphuthuma. Bayaphi na?

35 Niyaqaphela, iningi labesifazane namuhla linemishini yokuwasha, nama-ayina kagesi, nemishini yokuwasha izintsha ocindezela inkinobho, nayo yonke into kanjalo; futhi nokho banesikhathi esincane sokukhuleka kunaleso abake baba naso.

36 Niyazi, uSusanna Wesley wayenabantwana abayishumi nesikhombisa. Futhi yena, kanye nalabo bantwana abayishumi nesikhombisa, ethwala amanzi esuka emthonjeni, futhi newashingi ngezandleni zakhe. Futhi nokho wayengathola amahora amabili noma amathathu, ngosuku, ukuba akhuleke nabantwana bakhe, nabafo abancane abayishumi nesikhombisa. Futhi lapho kuphuma uJohn noCharles.

37 Yileyo indaba namhlanje, isizathu sokuthi izikole zethu ziyehluleka, abekho abefundisi abangenayo, izinsizwa ezinentshisekelo. Sinesidingo futhi, obaba nomama abakhulekayo yilokho esikudingayo, ukwenza izikole zethu zigcwale. Inhliziyo yezinsizwa ivutha ngokushisekela ukuthatha iVangeli yilokho esikudingayo. Kodwa izinto ziyaguquka.

38 Besingahamba siqhubeke kancane, kubantu, sikulethe ebandleni. Ibandla liyaguquka. Siyakuthola, ukuthi amabandla ethu ayaguquka. Ngempela singa, phezulu noma ngaphansi. Ngikhuluma emhlabeni wonke manje. Ukuthi, sikakhulu,

sibonakala sinjalo, sinentshisekelo eyengeziwe ekutholeni izibalo kunokuba sithola abantu abasindisiwe. Kubukeka sengathi wonke umuntu ufuna ukuthola isibalo esikhulu kunazo zonke, noma sibe nebandla elikhulu kunawo wonke, noma isakhiwo esikhulu kunazo zonke, noma senze ihlelo elikhulu kunawo wonke, noma—noma okuthize, esikhundleni sokucabanga ngomphefumulo ompofu olahlekile. Lokho kubi kakhulu, kodwa baningi kakhulu abethu abenza lokho.

39 Ngamuzwa umvangeli odumileyo, uMfowethu Billy Graham, ngenkathi eseLouisville, eKentucky. Ngamenywa, noDkt. Mordecai Ham, umngane wami siqu, ukuthi uBilly wasindiswa ngaphansi kokushumayela kwakhe. Futhi ngamenywa ukuba ngihlale esidlweni sasekuseni nabo. NoMnu. Graham, ekukhulumeni kwakhe okunamandla, wathi, "Ngingena edolobheni, futhi ngizoba . . . ngihlale lapho amaviki ayisithupha." Wathi, "Ngizoba mhlawumbe nabantu abayizinkulungwane ezingamashumi amabili abazokwenza ukuvuma kwabo—kwabo." Futhi wathi, "Ngizowathola onke amathikithi abo, nokunye nokunye, futhi ngiwanike abefundisi." Futhi wathi, "Bese ngibuya ngomunye unyaka," wathi, "ngizojikeleza. Futhi lapho enganginabaguqukile abayizinkulungwane ezingamashumi amabili, ngenkathi ngilapho ngalowonyaka, ngonyaka olandelayo angikwazi ngisho nokuthola amashumi amabili." Wathi, "Yini indaba na?" Futhi yena . . .

40 Ngizohluka nje kancanyana. Hhayi ukwehluka nalowomvangeli omkhulu, uMnu. Graham, impela akunjalo. Kodwa indlela abhekana ngayo nakho, ngokuthi, "Yini indaba na?" Futhi wakhomba ngomunwe wakhe, wathi, "Baningi abashumayeli abangamavila," wathi, "nihlala nizungeze nezinyawo zenu ziphezu kwedeski, emini nasebusuku, futhi ningawathathi lamakhadi bese nilandelela."

41 Wathi, "Ngenkathi uPawulu elapha, wangena emzini futhi waba nophendukile oyedwa; futhi wabuya ngonyaka olandelayo, wayenamashumi amathathu noma amashumi amane ngalowo oyedwa. Wayenabazukulu bakakhokho kakhokho phezu kwakho, niyabo." Futhi wathi, "Nginezinkulungwane ezingamashumi amathathu, ngiyabuya; noma izinkulungwane ezingamashumi amabili, ngibuye futhi angikwazi ukuthola amashumi amabili."

42 Awu, kwakungahle kube ngenxa yokuthi ngiyiPentecostal. Futhi, kodwa ngangifuna ukusho lokhu kabi kabi kangangokuthi angikwazanga ukuthula. Kodwa ngacabanga, "Imuphi umshumayeli oyivila owabeka izinyawo zakhe ebhentshini ngenkathi uPawulu emthola ukuba asindiswe na?" Niyabo? Kwakuyilowo ophendukile, qobo lwakhe, owaholwa wajula ngokwenele kuNkulunkulu waze wabamba.

43 Futhi uma umuntu ngempela ebamba uNkulunkulu, uNkulunkulu ungena enhliziyweni yomuntu. Ungakhathazeki, izinhlansi zizobe zindiza nhlangothi zonke, ngoba ujule ngokwenele kuNkulunkulu, futhi yonke impilo yakhe igxilile futhi izinze kuKristu, niyabo. Ngakho-ke, siyazi ukuthi akubona nje abashumayeli abavilaphayo. Kungenxa yokuthi o—ophendukile akahambi ajule ngokwanele aze alahlekelwe ukubuka kwezwe nezinto zezwe. Uma eke wasondela ngokwanele kuNkulunkulu, akakwenzi lokho.

44 Kodwa sithola ukuthi amabandla ayaguquka nabantu bayaguquka. Imigwaqo iyaguquka. Izigcawu ziyaguquka. Ipolitiki iyaguquka.

45 Kodwa kunento eyodwa engaguquki, leyo nguNkulunkulu. Uhlala enjalo. "NginguNkulunkulu, futhi aNgiguquki." Kungakhathaleki ukuthi kude kangakanani, uNkulunkulu akakaze aguquke nakancane, futhi Angeke aguquke. Indawo enje pho! Isizathu sokuthi Angeke aguquke yingenxa yokuthi uNkulunkulu akanasiphelo, futhi noma yini engenasiphelo ngeke iguquke.

46 Bese kuthi-ke asifundisise lokhu umzuzwana nje ngaphambi kokuqhubeka sisondele singene emBhalweni. Okungenasiphelo akupheli, kukhona—asikho isiqalo noma isiphetho. U—Ungusomandla, unamandla onke, ukuyo yonke indawo, wazi konke; wazi zonke izinto, zonke izindawo, zonke izikhathi, konke okunamandla. UnguNkulunkulu, futhi Angeke aguquke.

47 Manje, ngingenza isinqumo, futhi ngithi kuzoba nga*le*ndlela. Futhi ngingonesiphelo. Kuzofanele ngiguquke, ngoba izinto ziyavela ukuthi, mina, ngizofanele ngithi, "Awu, nganginephutha."

48 Kodwa uNkulunkulu angeke akwenze lokho, ngoba isinqumo saKhe esisodwa yileso kuze kube phakade. Angeke aguqule izinqumo zaKhe. Angeke asiguqule.

49 Ngakho-ke, uma isimo sengqondo sikaNkulunkulu esonini esisodwa futhi sasifuna ukuphenduka, u-Adamu no-Eva, futhi uNkulunkulu wabenzela indlela yokuphenduka, futhi Wasithethelela lesosoni; bese kufika isoni esilandelayo, uNkulunkulu ufanele enze into efanayo kulesosoni, noma Wenza iphutha ngenkathi Enza ngesoni sokuqala.

50 Futhi uma umuntu wayegula, futhi uNkulunkulu waphulukisa indoda eyodwa; futhi khona-ke uma kwenzeka omunye umuntu eza kuNkulunkulu, Ufanele enze into efanayo, noma Wenza iphutha ngenkathi Ephulukisa owokuqala, uma eza enkundleni efanayo.

Yeka indawo yokuphumula khona-ke yomphefumulo ofuna isiphephelo!

51 Manje, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu." Manje, siyazibuza ukuthi u—umhlaba wake wafika kanjani lapha. Niyabo, i—iZwi likaNkulunkulu ladala umhlaba. AmaHeberu 11 ayasitshela, ukuthi, "Umhlaba wenziwa ngezinto ezingabonakali." Niyabo? UNkulunkulu wakukhuluma kwaba khona, ngoba WayenguNkulunkulu. Wavele wathi, "Makube khona," futhi kwaba njalo. Ngakho-ke, uma . . .

52 Ekuqaleni lalikhona iZwi, futhi iZwi elakhulunywayo kwakuyiZwi elidalayo, futhi lonke iZwi elikhulunyiwe alinakubuyiselwa emuva, ngephutha. Khona-ke, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu," okunguKristu.

53 Futhi manje iZwi likaNkulunkulu, elilotshwe eBhayibhelini, liyiZwi laKhe kithi. Futhi zonke izithembiso zinamandla afanayo okudala ngemuva kwaso, lelo iZwi likaNkulunkulu elazenza ekuqaleni, uma siLikholwa ukuthi liyiZwi likaNkulunkulu. Kuya ngokuthi imbewu iwela kuphi. Uma Iwela emhlabathini, u—umhlabathi ongadala. U—umswakamo, noma ukudla okunomsoco, okuzungeze isithembiso sikaNkulunkulu, kuzoveza zonke izithembiso ezenziwa yiBhayibheli. Kufana ne . . . Ngani, isimo sengqondo esifanele ngakunoma yisiphi isithembiso sikaNkulunkulu siyosifeza, uma nje uzokubuka, futhi unakekele iZwi kahle nje. Ngoba uNkulunkulu ongenasiphelo wakukhuluma: iZwi likaNkulunkulu.

54 UJesu wathi, "Kodlula amazulu nomhlaba, kepha iZwi laMi alisoze ledlula." O, besifanele siphumule kanjani kulesosithembiso sobuNkulunkulu seNdodana kaNkulunkulu, Eyathi, "Kodlula amazulu nomhlaba, kepha iZwi laMi alisoze ledlula." Kukhona indawo yokuphumula yomphefumulo.

55 Manje, uJesu washo, eZwini. UJesu wathi, "Uma nicela noma yini kuBaba eGameni laMi Ngiyolwenza." Kodwa ngezinye izikhathi, lapho uNkulunkulu enza okuthize futhi enze okuthize esikucelayo, nokho asikwenzi . . . Kuza ngendlela engalindelekile, futhi ngezinye izikhathi endaweni engalindelekile, nangesikhathi esingalindelekile. Kodwa uNkulunkulu uzophendula ngendlela yaKhe uQobo, uma nje nizokukholwa. Niyabo? Niyabo?

56 Ufanele ukukholwe, ukwamukele, bese-ke ungakubuyiseli emuva. Bambelela kukho. Kuthathe ukubambe, bese uthi, "Nazo-ke. UNkulunkulu wakusho. Lokho kuyakuxazulula. Uma uNkulunkulu asho njalo, lokho sekuphelile, akunandaba ukuthi isikhathi eside kangakanani." Kungenzeka ukuthi akuzange kube khona neyodwa imolekhuli eyaba khona ngenkathi Ethi, "Makube khona" okomhlaba. Kodwa, Yena, UPhakade. Futhi

emva kwesikhashana, kuba amamolekhuli nama-athomu. Futhi kwenyuka, ngoba Wathi kuzoba ngaleyondlela.

57 Futhi nasi isithembiso, futhi, esingasicabanga. Uma Yena, Lowo owasho lokho, efeze lonke iZwi, khona-ke Uzoba nebandla elizovela phambi kwaKhe, lingenabala noma umbimbi. Futhi kuzosifanela, mfowethu, dadewethu, ukuba siqiniseke ngempela ukuthi silungisene noNkulunkulu, bese kuthi-ke ngoba kuzoba neBandla, futhi sifuna ukuba yingxenye yaleloBandla.

58 Kungenandaba ukuthi lokhu kuyini lapha emhlabeni, sifuna uMuzi oMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu. Futhi asikwazi ukulahlekelwa yilokho. Noma yini oyenzayo, ungakukhohlwa lokho. Akunandaba ukuthi umakhelwane wenzani, ukuthi omunye umfo wenzani, ukuthi ofunda naye esikoleni wenzani, noma lokho umyeni wakho, noma umkakho, nanoma ubani omunye. Kulu—udaba lomuntu siqu nawe noNkulunkulu. Ufanele, ufanele nje ufune leyo nsindiso.

59 Uyihlo kungenzeka ukuthi wayengumuntu omkhulu, umama wakho umuntu omkhulu, kodwa kuthiwani ngawe na? Niyabo? Niyabo? Uwena. Ufanele ube nakho, wena uqobo. Kulungile.

60 Manje, ngenkathi uJesu ethi, "Uma nicela noma yini kuBaba eGameni laMi, Ngiyolwenza." Manje, lokho kuvele kuqonde phansi nje ukusuka ehlombe. "Ngizokwenza." Futhi Waye . . . Manje, kusemibandeleni, "Uma nizokholwa lapho nicela."

61 Manje, kuMarku 11:22, sithola ukuthi uJesu wathi, "Uma uthi kule ntaba, 'Siphuleka, uphonswe olwandle,' futhi ungangabazi, kodwa kholwa ukuthi lokho okushilo kuzokwenzeka, ungaba nakho okushilo." Niyabo?

62 Manje, manje, into, awukwazanga nje ukuphuma lapha bese uthi, "Ntaba, yehla." Ufanele ube nenhloso nenjongo kulokho, niyabo. Futhi lokho, ufanele uthole, kuqala, uma kuyintando kaNkulunkulu, bese-ke inhloso nenjongo yakho ibe sentandweni kaNkulunkulu. Bese-ke ukhuluma kuyo, futhi ume lapho. Izokwehla, ya, niyabo, uma uthola imibandela ilungile. Kodwa ufanele ube nemibandela elungile.

63 Manje, nifanele nikhumbule, futhi, ukuthi, lapho uNkulunkulu ephendula, ngesinye isikhathi kuba ngendlela engalindelekile. Akaguquki, kepha Wenza izinto ngezindlela ezingalindelekile. Manje, ake sibize u—udaba noma olubili, ngaphambi kokuthi siqhubeke.

64 Ake sicabange ngoMose. Ngithanda ukufundisisa uMose. Wayeyindoda eyiqhawe impela, futhi wasinika iTestamente eLidala, ngamandla kaNkulunkulu.

65 Futhi izikhathi eziningi abagxeki bathi, "Manje, uMose waloba Lokho, futhi sazi kanjani ukuthi Kuqinisile na?"

66 Awu, ungabuyela emuva futhi ufakazise ukuthi kuqinisile. Futhi uma Lowo owayengasho okube khona, futhi, noma

okuyoba khona, nalokho okwakuzokwenzeka emva kwakhe, futhi lokho kwafezeka, khona-ke ngikholwa ukuthi lokho kwakuqinisile, futhi, niyabo. Niyabo? Njengoba nje uma—uma singama lapha e . . . ebandleni, noMoya oNgcwele ungabuyela wehle ngempilo yakho futhi ukutshele okwakuyikho, futhi uyazi ukuthi lelo yiqiniso noma qha. Awu, uma wazi, futhi wazi ukuthi lelo yiqiniso, khona-ke ngokuqinisekile beningakholwa lokho Anitshela khona ukuthi kuzokwenzeka, kuzoba khona, ngoba *lokhu* kufakazela *lokho*. Niyabo? Futhi lokho kuyiqiniso.

67 Futhi ngakho siyabona, njengofakazi, bamaHeberu 11 nezindawo eziningi eBhayibhelini, ukuthi amaqhawe okholo yilabo abahlala nesithembiso sikaNkulunkulu. Hlala nje khona lapho, akunandaba ukuthi omunye umuntu uthini, futhi uNkulunkulu uzokupha khona ngesikhathi saKhe uqobo esihle.

68 Manje, uMose wehla wangena eGibhithe, noma wayeseGibhithe, njalo. Wazalelwa ezansi lapho. Umntwana okahle, abazali bakhe bayabona ukuthi wayenjalo, babonile ukuthi wayenjalo. Futhi babengawesabi umyalo wenkosi.

69 Kwase kuthi-ke ngenkathi, uMose, efundiswa ngunina! Uthisha omuhle kanje pho, umama wakhe uqobo, futhi ekwazi ukumxoxela lezo zindaba. "Mose, uyindodana yami, kodwa wazalelwa injongo. Futhi uNkulunkulu uzokusebenzisa ngolunye usuku ukukhulula u-Israyeli."

70 Futhi ngemva kokufa kuka—kukamama wakhe oligugu, khona-ke ngicabanga ukuthi uMose uba ngumbusi omkhulu, noma osondele kuFaro lapho, wayeyindlalifa yesihlalo sobukhosi. Khona-ke ngolunye usuku wabazwela abafowabo.

71 Futhi umuzwa ngesinye isikhathi ngento ethile, nokho, noma ngabe sizizwela, sifanele senze ngendlela kaNkulunkulu, ukuze senze umsebenzi wenziwe kahle. Impela.

72 Manje, ngikholwa ukuthi uNkulunkulu unesihawu kubo bonke abalambile nabahluphekayo, futhi—futhi sinazo zonke izinhlobo ze—zezinhlangano ukondla abalambile nezinto. Ngikholwa ukuthi yinto enhle kakhulu leyo. Kodwa nokho umsebenzi wangempela yiVangeli. Lowo ngumsebenzi wangempela, iVangeli, ukuthatha iVangeli.

73 Manje siyathola, ukuthi, emva kokuba esezithole eyisehluleki, emisebenzini yakhe uqobo. Isizathu, wayeyindoda ehlakaniphile, indoda yezempi. Futhi wayenjalo. Wayethole isehluleki. Khona-ke wa—wabalekela umsebenzi, waphuma wangena ehlane futhi waba lapho iminyaka engamashumi amane. Futhi wayekade enonkosikazi, nokunye nokunye, nabantwana bakhe, noma umntwana wakhe, njalo, uGereshomu.

74 Manje, into exakayo ukuthi, ngobizo lukaNkulunkulu empilweni yakhe, Ngingacabanga ukuthi uMose akazange akwazi ukusuka kulokho; akasoze akwazi.

75 Futhi kungase kube khona abantu lapha kulobubusuku abasilalele ngqo, ukuthi phansi empilweni yakho, ndawondawo, wezwa ukuthi kwakukhona ubizo empilweni yakho, futhi awukaze nje ululalele. Uzoba lusizi inqobo nje uma usaphila, uze ulalele lokho kuphila.

76 Khona-ke akungabazeki ukuthi kukhona abantu lapha kulobubusuku osekuyiminyaka befuna uMoya oNgcwele. Futhi wena nje uthi, "Awu, a—angazi. Ngifanele ngiWemukele. Ngi . . . " Awu, awusoze, awusoze waneliseka uze wenze, niyabo, ngoba wanqunyelwa lokho. Futhi manje ufanele wenze lokho kube yinto yokuqala empilweni yakho. Noma ngabe uyadla futhi, noma ngabe uyaphuza futhi, noma ngabe uyalala futhi, kumbe noma yini oyenzayo, ufanele uwuthole Lowo. Kunjalo. Lokho kufanele kube yinto yokuqala. Yilokho-ke. Hlala nje nesethembiso sikaNkulunkulu. WaWethembisa kini, ngakho hlalani nakho nje, niyabo, futhi uNkulunkulu uzokufeza.

77 Manje, futhi Angahle akwenze ngesikhathi esingalindelekile. Wena uthi, "Awu, Mfowethu Branham, bengisebenza kanzima namuhla, futhi ngikhathele kancane. Futhi angizizwanga kahle izinsuku ezintathu noma ezine." Lokho kungase kube yisikhathi nje. Niyabo? Awusoze wazi ukuthi kuzokwenzeka nini.

78 Ngingama kangaki, futhi izinsuku ngixoxe isehlakalo, lapho ngiya emahlathini, ukuyofuna iNkosi, ukuthi a—ameva ayangiklwebha, nezinyoni ziyangicasula, nomiyane bayangiluma. Yilapho nje uNkulunkulu elungiselela ukwenza okuthize, khona lapho. Lapho nje—lapho nje into ethize ibonakala ingalindelekile, khona-ke uNkulunkulu uthatha indawo, uyabamba.

79 Manje bheka uMose. UMose, lomalusi omkhulu omdala wezimvu manje, wayesevele eneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala. Wayeneminyaka engamashumi amane ngaphambi kokuba athathe ukumela kwakhe uNkulunkulu. Futhi-ke welusa izimvu phandle lapho, futhi ngiqagele wayeseneminyaka engamashumi amane ogwadule. Futhi wayeseba ikhehla, mhlawumbe amadevu ampunga, nezinwele ezinde ezimpunga eziyaphuzelayo. Futhi nakhu la ayekhona, engekho esontweni; wayengaphansi kweNtaba iHorebe. Futhi uNkulunkulu akehli neze ngentshumayelo, kodwa esihlahleni esivuthayo; niyabo, isikhathi esingalindelekile, indawo engalindelekile, futhi ngendlela engalindelekile.

80 Ngani, wacabanga ukuthi uNkulunkulu wayezohlangana naye phandle lapho ephethe induku yakhe esandleni sakhe, noma inkemba, nanoma yini abulala ngayo umGibhithe.

81 Kodwa uNkulunkulu akahlangananga naye ngisho nasebandleni; ngaphansi kwentaba. UNkulunkulu

akahlanganananga naye emaculweni, kodwa esihlahleni esivuthayo. Futhi hhayi lapho eseyinsizwa, kodwa lapho eseyikhehla. UNkulunkulu wambiza ngemva kokuba eseneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala.

82 Cabangani ngakho. Ngakho ngezinye izikhathi siyacabanga, ngoba sinamashumi amathathu nanhlanu noma amashumi amane, noma ngabe uyini! Awusoze waba mdala kakhulu. Unomphefumulo ofanele uphile phakade. Ngakho khumbula nje, kuhlala kungaleyondlela: uNkulunkulu, uNkulunkulu ongaguquki, ngesikhathi esingalindelekile, nangendlela engalindelekile, endaweni engalindelekile.

83 Ake sithathe uJakobe. UJakobe wayegijima. Wabanjwa phakathi kwemililo emibili. Manje wayesegoduka. Futhi uLabani, umukhwe wakhe, wayeza *ngapha*, emlandela, ngoba umkakhe wayentshontshe onkulunkulu babo. Futhi khona-ke uthola ukuthi u-Esawu uza nga*le*ndlela, emlandela; umfowabo, ayemkhohlisile. Manje, leso kwakuyisikhathi esingalindelekile ngempela sokuba uNkulunkulu amvakashele. Kodwa waye . . . Nakhu kuza uLabani nga*le*ndlela. Futhi nakhu kuza uLabani eza nga*le*ndlela, no-Esawu nga*le*ndlela. Kodwa uJakobe wawela umfudlana, wayesengena emsebenzini-ke. Futhi mhlawumbe okokuqala ngqa empilweni yakhe, wabamba okuthile okwakungokoqobo, futhi wakwazi ukubambelela kwaze kwafika isibusiso.

84 Lokho kungaba isifundo esihle kithina sonke. Uma uke wabamba into ethize engokoqobo, bambelela kuyo. Ungakuyeki. Akunandaba ukuthi ilanga lidlula kangaki, kumbe noma yini iyenzeka, zingaki izinhlungu zokulamba ezifikayo, noma yini enye, bambelela kukho uze ubusiswe kukho, uze uthole isithembiso sakho. Bambelela.

85 Wabeka umkakhe, nabo bonke, kude naye, futhi wazehlukanisa, wase ebambelela ngoba wayebanjwe phakathi kwemililo emibili. Futhi uNkulunkulu wahlangana naye ngendlela engalindelekile, ngesikhathi esingalindelekile, endaweni engalindelekile. Yilapho uNkulunkulu ahlangana khona naye.

86 U-Isaya umprofethi, umfo omncane, wayencike engalweni yenkosi enhle, futhi wayeyindoda elungile. Futhi wayebe nezinto zilula. Kodwa ngolunye usuku inkosi yafa. No-Isaya umprofethi wehlela e-altare endlini kaNkulunkulu. Futhi esakhuleka lapho, wabanjwa phakathi kwezono zakhe uqobo nombono. Futhi wamemeza kakhulu, "Maye kimina" lapho ebona iziNgelosi zinamaphiko phezu kobuso baZo, amaphiko phezu kwezinyawo zaZo, futhi zindiza, zimemeza, "Ingcwele, ingcwele, ingcwele iNkosi." Wakhala, "Maye kimi, ngoba ngingumuntu onezindebe ezingcolile." Wabanjwa ngesikhathi esingalindelekile, endaweni engalindelekile.

87 Wacabanga, "Ngizokwehla bese ngisho imikhuleko yami, futhi ngivuke ngiqhubeke, ngoba abantu bakholwa ukuthi ngingumshumayeli olungileyo, noma umelusi, noma enye into." Kodwa wabambeka lapho. Akagcinanga ngokuthi wabanjwa ekulesi simo nombono, kodwa wabanjwa nezindebe ezingcolileyo endlini kaNkulunkulu ophilayo.

88 O, mfowethu, uma lokho bekungaphenya kulo lonke idolobha kulobubusuku, nakusasa ekuseni, ngabefundisi abebeyoma futhi banitshele ukuthi ayikho into enjalo ethiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, futhi akukho lutho olunjengombhapathizo kaMoya oNgcwele, bekuzoba nokunye ukukhala "Maye kimi, nezindebe ezingcolile." Kuyiqiniso, yebo, kakhulu kanjalo.

89 Abantwana bamaHeberu, manje, nabo babanjwa esimeni esibucayi impela. Babanjwa endaweni engalindelekile, lapho bahlangana khona noNkulunkulu, ukuze uNkulunkulu eze kubo esithandweni somlilo; isikhathi esingalindelekile, indlela engalindelekile. Kodwa uNkulunkulu ungongaguquki, unguNkulunkulu ongaguquki, futhi Wenza izinto ngaleyo ndlela; endaweni engalindelekile, isikhathi esingalindelekile, kanjalonjalo.

90 U-Israyeli wacela inkosi enamandla. Babefuna inkosi ezobakhulula. Yilokho ababekulindele uNkulunkulu ukuba akuthumele kubo, kwakuyinkosi, ukubakhulula, inkosi enamandla eyayizomasha njengoDavide. "INdodana kaDavide yayizovuka, yehle ngamaphasiji aseZulwini, yehlele emhlabeni ngokubingelela okugwele kweNgelosi, futhi uBaba wayezobheka eZulwini bese ethi, 'Sengithumela kini uMesiya manje.'" Futhi babekulungisile konke ukuthi yileyondlela Ayefanele afike ngayo.

91 Kodwa yini abayithola na? Bathola umntwana esikhundleni senkosi enamandla, ingane ezalwe e—esitebeleni esincane, ohlangothini lommango, isibaya somhume esincane esinotshani obomile, nomquba wezilwane, kanye ne—ingane. Kodwa kwakuyimpendulo yomkhuleko wabo. Wayeyilokho kanye ababekudinga. Kodwa babekufuna ngendlela engeyabo. Bakufuna ngendlela a—ababecabanga ukuthi yayigcono kunazo zonke. Kepha uNkulunkulu uyazi ukuthi ukuthumela kanjani ngendlela Ayazi ukuthi ingcono kunazo zonke, ngoba UnguNkulunkulu ongenasiphelo, futhi Uyazi nje ukuthi kuthunyelwa kanjani.

92 Uyazazi izidingo zakho. Uya ukuthi kulethwa kanjani kuwe. Kodwa inkathazo yakho iwukuthi, ngoba akufiki ngendlela ocabanga ukuthi bekufanele kufike ngayo, khona-ke nonke niyadangala, futhi nikubuyisela kuYe. AsiMcele, futhi sikholwe ukuthi Uzokuthumela ngendlela Afuna ukukuthumela ngayo. Futhi ukwamukele phezu kwesisekelo. Kunjalo. Niyabo?

93 Uma uMcela, ungaMenzi umqambimanga. Akakwazi ukuqamba amanga. Wathembisa, "Celani uBaba noma yini eGameni laMi, Ngiyolwenza." Manje, uNkulunkulu akawaqambi amanga. Mcele futhi kuyokwenziwa. "Funani, niyothola; ngqongqothani, kuzovulwa." Siyakukholwa lokho. Impela siyakukholwa.

94 Bathola umkhombe. Pho benzani na? BabenaleNgane encane emkhombeni. Ingabe kwakuyiNkosi enamandla leyo na? BaYenqaba. Yebo, mnumzane. Kungani na? Akafikanga ngendlela ababeMlindele ukuthi afike ngayo.

95 Futhi, bangane, ningahle nicabange ukuthi leyo kwakuyinto embi kabi. Kwakuyiyo. Kodwa, niyazi, sinecala lento efanayo. Sinecala lento efanayo. Sicela izinto kuNkulunkulu, bese sihambahamba, futhi—futhi, uma Engaveli athele okuthize phezu kwethu futhi asinike okuthize esicabanga ukuthi besifanele sibe nakho, khona-ke sivele sikubuyisele emuva. Niyabo? Ningakwenzi lokho. Mcele. Hlala nakho ngqo. Yebo, mnumzane. Bambelela kukho uma wazi ukuthi kungokwangempela.

96 Futhi yini enye engokoqobo ukwedlula iZwi likaNkulunkulu na? "NeZwi likaNkulunkulu lenziwa inyama, lakha phakathi kwethu, uKristu." Futhi manje uKristu wathumela uMoya oNgcwele. Futhi UnguNkulunkulu, kuMoya, ngakho-ke bambelelani kuWo. Uma uMoya oNgcwele ulapha futhi usinike lesosethembiso, hlala naso.

97 Yini indaba ngathi, bantu bePentecostal, ozisho ukuthi unoMoya oNgcwele futhi wesaba ukwethemba uNkulunkulu noma yikuphi cishe impela na? Yini inkinga na? Sikulindele ngenye indlela.

98 Ngicabanga ukuthi, esikwenzayo, ngizonitshela iqiniso, ngicabanga ukuthi sikulindele, uNkulunkulu ukuba angene futhi asithembise enhlanganweni enkulukazi *yalolu*hlobo na*lolo*hlobo. Futhi lapho wenza, wakha izinto eziyinyakanyaka ngokumelene nomunye umfo. Into ebesifanele siyenze, mfowethu, ngukukhohlwa yilokho. Izinhlangano zenu zilungile.

99 Kodwa esikufunayo ngamaKristu azelwe ngokusha anensindiso ezinhliziyweni zawo, namandla kaMoya oNgcwele phakathi lapho, ukuthanda omunye nomunye, nokwelula; nokuba nemizwa ngomunye nomunye, imizwa ekhazimulayo, amathemba emizwa, nothando lobuzalwane. Lokho kusihlanganisa ndawonye. Yilokho uNkulunkulu afuna sibe nakho. UnguNkulunkulu ongenasiphelo, futhi Angeke aguquke. AmaZwi aKhe, Angeke aWaguqule.

100 Manje qaphelani. Ngakho baMenqaba ngoba Akafikanga ngendlela yokuthi Yena . . . ababelindele ukuthi kube ngayo. Futhi siyaqaphela, kodwa Weza ngesimo somBhalo. Ufika ncamashi njengokusho ko—uhlelo olungokomBhalo. Futhi

ngayinye yalezi yenza, futhi, endaweni efanele, ngesikhathi esifanele, nangendlela efanele. UNkulunkulu uhlale ekwenza ngendlela yaKhe, futhi yindlela efanele.

101 Manje, Mose, wayengabazelani na? Wabizwa ekuzalweni. Wayeyingane ngenkathi uNkulunkulu embiza. Wazalelwa kulomhlaba ngenhloso. Wazalwa engumprofethi. Bekungafanele kube yinto enzima kuMose ukucabanga lokho, kube okungalindelekile, ngoba ubefanele alindele ukuthi uNkulunkulu ambize.

102 UJakobe, uNkulunkulu wayesanda kukhuluma kuye futhi wathi, "Jakobe, buyela ekhaya. Ngizoba nawe futhi nginandise. Ngiyakwenza imbewu yakho ibe ngangesihlabathi solwandle." Kungani ayelindeleke kanjalo—kanjalo, khona-ke, ukuba uNkulunkulu eze kuye ngalobobusuku lapho uLabani eza ngenye indlela, no-Esawu ngenye na? Nokho uNkulunkulu wamthembisa. Amen.

103 Nakho la nikhona, bangane. Lapho uNkulunkulu enza isithembiso, futhi ophikisayo avuke, lokho kuwukuhlola kuphela ukuthi unalo ngempela yini iZwi, noma qha. Indoda enegolide elihle ayinankinga nokuya etsheni lokuhlola. Niyabo? Yiqiniso lelo. Niyabo? Kuphela i. . . UPetru wathi, ngiyakholwa ukuthi kwakunguye, ukuthi, "Lezi zivivinyo zize ukuzosihlola, zisivivinye," zibone ukuthi sizokwenzani ngakho. Kulungile. Lapho uthola uMoya oNgcwele, futhi—futhi umyeni uzokuxosha endlini, noma—noma umama uzokwenza ukuthi uhambe ekhaya, lezozinto, ungadikibali ubuyele ezweni. Leso yisikhathi sokuvivinya kuphela.

104 UJakobe, ubefanele ukuthi wayazi kangcono kunalokho. Kodwa wayethe ukuchitha isikhathi esiningi sempilo yakhe, futhi egijima ezungeza, kanjalonjalo, esuka *lapha, lapho*. Futhi yena. . . Ngiyakuthanda akusho lapho. "Ngawela leliJordani ngiphethe induku kuphela. Futhi manje ngibuya ngamabutho amabili, ngiyabuya, ngande kakhulu." Futhi wathi, "Nangu u-Esawu, umfowethu, eza nga*le*ndlela. Nomkhwe wami unga*lapha*, uyangilandela." Futhi ukuthi, lapho efika kulolo hlobo lwesimo, kodwa waya endaweni efanele, futhi waqala ngokungalindelekile, ngiqagele, ukuthola impendulo.

105 Kodwa uNkulunkulu wehla, futhi waba nomdlalo wokulwa ngokubambana, futhi wahlala noNkulunkulu, futhi wabambelela kwaze kwafika isibusiso. Ngithanda uJakobe ngalendlela. Lapho ebona okuthile ngempela okwakulungile, ngenkathi efaka isandla sakhe entweni ethile eyayiyiqiniso, wabambelela kuyo waze wathola imiphumela.

106 O, uma besingenza lokho! Uma ibandla belingenza lokho kuphela, uma ubungakholiseka ukuthi kulungile, futhi wazi ukuthi isithembiso sikaNkulunkulu, futhi ngeke sehluleke! Wena nje. . . Angeke sehluleke.

107 Umuntu othile ukhuluma akukhiphe kuwe, uthi, “Okwesinye isizukulwane. Kwakungesikho okwethu.” Futhi lokho—lokho akusiwo umBhalo.

108 UJesu wathi, kuMarku 16, “Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo,” Niyabo? Kuphi na? Kude kangakanani na? Umhlaba wonke, zonke izidalwa. Lezizibonakaliso ziyolandela ezweni lonke, kukho konke okudaliweyo okukholwayo.

109 UPetru wathi, ngoSuku lwePhentekoste, “Ngokuba isithembiso ngesenu, nakubantwana benu, nakulabo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.”

110 Uzokwenza kanjani na? IVangeli limelwe lishunyayelwe, nasemhlabeni wonke, kuqalwe eJerusalema. ULuka 24:49, Wathi, “Hlalani emzini waseJerusalema nize nembathiswe amandla avela Phezulu.”

111 “Zilandela uMoya oNgcwele,” IZenzo 1:8, “uMoya oNgcwele ufikile phezu kwenu, khona-ke niyakuba ngofakazi baMi eJudiya, eSamariya, kuze kube semikhawulweni yomhlaba.” Yonke indawo, uMoya oNgcwele ufakaza ngezibonakaliso nezimanga zilandela.

112 Sizosuka kanjani kukho na? Yisithembiso sikaNkulunkulu. Ungavumeli udeveli. Unolimi olushelelayo njengoba engaba njalo, futhi ungumuntu ofunda imiBhalo kakhulu, ngokusobala. Kodwa uyaWusonta ukuze awenze usho into Ongayisho.

113 Futhi nokho, iBhayibheli lathi, “Kusobala kakhulu kangangokuthi nesiwula akumele senze iphutha endleleni.” Vele ubambe isithembiso sikaNkulunkulu futhi ubambelele kuso. Bambelela kuleso uze ubambe esinye. Lapho ubona *lesi* siphenduliwe, khona-ke bamba *lesi*. Bese ubambelela ku*leso* uze uthole esinye. Bese uqhubeka ukhuphuka.

114 Njengoba lelokhwaya belicula izolo ebusuku, ezansi kwe—kwelinye ibandla, ebandleni likaMfowethu Outlaw, lithi; umzuliswano wokuqala kwaba ukuvuselelwa, wabe eseqhubeka, omunye waya kwenye indawo. Futhi emva kwesikhashana wedlula iMars, Jupiter, futhi washaya iMilky White Way, futhi walokhu eqhubeka nje. Ngi—ngiyakuthanda lokho. Niyabo? Qhubeka nje ukhwela, umzuliswabo ngomzuliswano.

115 Bamba isithembiso sikaNkulunkulu, uthi, “Nkulunkulu, Wethembisa ukungisindisa.” Bambelela kuso. Hlala khona lapho uze usindiswe. “Nkulunkulu, Wethembisa ukungigcwalisa ngoMoya oNgcwele.” Hlala khona lapho uze ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Uma ugula, yithi, “Uthembisile ukungiphulukisa. Ngihlala khona lapha uze Ungiphulukise.” Nakho la ukhona. Yileyo ndlela yokukwenza. Hlala nayo.

116 UNkulunkulu akanasiphelo. Akaguquleki. Angeke aguquke. Futhi Ukwenza ngezindlela ezingalindelekile, kodwa bambelela kukho kuze kufike. Ungamtsheli uNkulunkulu lokho, ukuthi ufuna Akwenze kanjani. Uzokwenza ngendlela Afuna ukukwenza ngayo. Niyabo? UngaMtsheli ukuthi akwenze kanjani.

117 Manje qaphela. Manje sithola ukuthi u-Isaya wazalwa engumprofethi. Manje, wayesemgqeni womsebenzi ngenkathi esezansi lapho e-altare. Kwakungeyona into eyinqaba ngomprofethi ukubona umbono, ngakho wayefanele akhumbule. Wayesemgqeni womsebenzi impela. Ngakho, wayengaphumile emBhalweni; wayesemBhalweni impela.

118 UNkulunkulu wathi, "Uma kukhona phakathi kwenu, ongowomoya, umprofethi, Mina iNkosi uNkulunkulu Ngizozazisa kuye. Lokho akushoyo lomprofethi kuyenzeka, khona-ke muzweni. Uma kungenjalo, maleni." Ngakho, niyabo, uJakobe wayesemgqeni womBhalo. UMose, emgqeni womBhalo.

119 Futhi, u-Eliya, asithathe u-Eliya lapha. Ngingathanda ukusho kuye, manje, waphuma lapho ehlane futhi waba nokunyukubala. Futhi uNkulunkulu wamthuma, wamondla ngeNgelosi, futhi wambeka ehlane, futhi wazulazula izinsuku ezingamashumi amane nobusuku. Futhi into yokuqala niyazi, kwenzekani na? Wakhuphuka, wabuyela emhumeni. Nomprofethi emuva lapho, wezwa umoya ovunguzayo, uphahlaza, uphephetha. Wezwa kubhonga amadwala, yonke into. Wacabanga, "Awu, lokho kulungile. Bengiphezulu eNtabeni iKarmeli. Ngiyazi Uyaphendula, ukuduma, nombani, nemvula. Ngiyakwazi." Kodwa, okwathola umprofethi, kwakuyileloPhimbo elincane elihashazayo elingalindelekile.

120 Kulapho okwenza abaningi bethu bantu abangamaPentecostal sigxume. Niyabo? Silindele into ethize ngenye indlela, lapho uNkulunkulu eyiletha ngendlela yaKhe uqobo. Niyabo? Sicabanga ukuthi, yona, besifanele size ngendlela esikulindela ngayo. Kodwa uNkulunkulu uyithumela ngendlela yaKhe uqobo, ngendlela Afuna ukukwenza ngayo—kwenza ngayo.

121 Manje, uJesu. Lapho becela inkosi, u-Isaya 9:6, wathi, "Sizalelwe uMntwana, siphiwe iNdodana: umbuso waYo uyakuba semahlombe aYo." "Intombi iyokhulelwa, izale uMntwana. Uyobizwa ngokuthi u-Imanuweli." Futhi, ngani, Ufika ncamashi emgqeni wemiBhalo. Ingabe Wakwenza na? Khona impela okwashiwo umBhalo.

122 UMose wakleliswa, kodwa akuzange kufike ngendlela ayecabanga ngayo. Wacabanga, "Ngizokwehlela lapho futhi ngibulale lowomGibhithe. Kuyoba yilokho-ke, khona-ke bonke abantwana bakwa-Israyeli bazothi, 'U*Sbani-bani*, yena, niyabo, ungumnqobi wethu.'" Kodwa akuzange kufike ngaleyo ndlela.

Kodwa wayesalokhu esemigqeni yemiBhalo. UJakobe, bonke abanye, wayesemgqeni wemiBhalo ngenkathi uNkulunkulu esebenza.

123 Futhi uma sizibeka emgqeni neZwi likaNkulunkulu, futhi sibambelele kukho! "Ngingenzani, Mfowethu Branham, yini engingayenza ukuze ngibekwe emgqeni neZwi likaNkulunkulu na?" Lifake enhliziyweni yakho nje futhi uLikholwe. Zonke izithembiso zingezakho. Esakho. Ungaba naso. Singesakho.

124 "Zonke izithembiso eNcwadini," cula, "ngesami. Zonke izahluko, wonke amavesi, wonke umugqa. Ngethemba othandweni lwaKhe lobuNkulunkulu, ngokuba zonke izithembiso eNcwadini zingezami." Niyabo?

125 Akunandaba ukuthi isithembiso siyini, singesakho noma kanjani, ngoba uNkulunkulu wakunika sona. "Noma ubani othandayo, makeze futhi aphuze emithonjeni, amanzi okuPhila, ngesihle." Ngesakho. Singesakho. Noma yisiphi isethembiso singesakho, uma unokukholwa kokusamukela. Futhi kuzokwenza, uma nje uzokukholwa.

126 Manje, kodwa ngenkathi uJesu efika, sathola ukuthi Wazalelwa emkhombeni, ngakho khona lapho amaJuda awavumanga. Akafikanga ngendlela ayecabanga ngayo, babecabanga ukuthi Wayezofika, ngakho bavele baMxosha enhlanganyelweni yabo. Futhi Wayengasekho kukho. Kodwa bhekisisani Akwenzayo. Yena, ngenkathi E . . . Lokho akuzange kuMmise.

127 Ngenkathi iPhentekoste lizalwa okokuqala, ibandla laxoshwa, nalo. Lokho akuzange kumise umlayezo. Kuqhubeka ngokufanayo nje. UJesu akakwazi ukumiswa.

128 Ubani ongamisa uNkulunkulu na? Awukwazi ukukwenza. Qhabo. Ubungeke usakwazi ukukwenza. Ungamisa kalula ilanga. Kodwa awukwazi ukumisa uNkulunkulu. Uhlelo lwakhe luzoqhubeka.

129 Ngakho kwafika ngenkathi amabandla emuva lapho ayekhulekela imvuselelo. Iza ngendlela engalindelekile. Unesigejane sabanye, indoda eyikhaladi enehlo elilodwa lapha eCalifornia, kanye no—ohobo abathi ababe babili esitaladini, nezinto ezinjalo, futhi wabagcwalisa ngoMoya oNgcwele. Futhi waqala umlilo, ukuthi, buka lapho sekuyekhona manje.

130 Yibandla elikhula ngokushesha kakhulu kunawo onke emhlabeni. Babebaningi abaphendukile ngonyaka odlule kunabo bonke behlanganiswe ndawonye. Ya. Kunjalo. i-*Our Sunday Visitor*, iphepha leKatolika, lasho njalo. Babhalisa isigidi namakhulu amahlanu ezinkulungwane.

131 Ini? IZwi likaNkulunkulu lintweza liqhubeke, liqhubeke, liqhubeke. Abantu baKhe abasoze baphoxe. Bangamasosha, amen, ngoba iZwi likaNkulunkulu ophilayo liyavutha

ezinhliziyweni zabo. Kunjalo. UNkulunkulu ubathumela izinto ezindaweni ezehlukene, ebabusisa, ebaletha. Manje asigcine ingqondo yethu eZwini, nakuNkulunkulu, futhi silokhu siqhubeka.

132 Manje, ungakubalekeli, uthi, "Sizoba yiqembu elikhulu ukuwadlula onke. Noma, sithole iqembu elingcono ukuwedlula onke edolobheni. Izixuku ezigqoke kahle ukuzedlula zonke eziza endaweni yethu," noma into enjalo. Uma ufaka lokho emqondweni wakho, usuwile khona lapho. Niyabo? Yebo, mnumzane.

133 Khumbulani nje, noma yikuphi lapho uMoya ekhona, zazilapho neziDalwa eziphilayo. Kunjalo. Hlala noMoya kaNkulunkulu. Noma yini oyenzayo, hlala nalowoMoya.

134 Manje, uJesu, ngenkathi Ekhula, Wafakazisa ukuthi WayeyilowoMesiya ababemkhulekele. Wabakhombisa isibonakaliso saKhe sikaMesiya. Wafakazisa ukuthi WayenguMesiya, ngezibonakaliso Azenzayo.

135 Bukani owesifazane emthonjeni ngenkathi Emtshela izono zakhe, ukuthi wayenamadoda amahlanu. "Ngani," wathi, "Mnumzane, siyazi uma uMesiya efika, Uzositshela zonke izinto." Kodwa wayengazi ukuthi WayenguBani.

Wathi, "NginguYe."

136 Bukani uNathanayeli, ngenkathi ebuya noFiliphu, futhi wenyukela eBukhoneni bukaJesu. Futhi uJesu wamtshela ukuthi wayengubani, lapho evela khona, lokho ayekade ekwenza. O, he! Kwafakazela. Wathi, "Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu. Wena uyiNkosi yakwa-Israyeli." He! Impela. Isizathu, ngani na? Ufakazelwe. Wafakazelwa. Wayeyi . . . bona . . .

137 Akalethwanga ngendlela u-Israyeli ayecabanga ukuthi Uyongeniswa ngayo. Bacabanga, "Wayezoba yiNkosi enamandla nenduku esandleni saKhe, futhi aphume futhi ashaye amaRoma ekhanda ngayo." Kodwa leyo kwakungeyona indlela kaNkulunkulu.

138 Lokho kwakungesiwo ngisho umBhalo waKhe wokuthi akwenze kulokho kufika. Ukuza okulandelayo yilapho Ezokwenza khona lokho. Baphambanisa ukufika okokuqala nokwesibili, ndawonye.

139 Ngakho Uza-ke ethobekile, emnene, ehlezi phezu komnyuzi, egibele. Futhi Waphuma e—kweli—kwelincane kunawo wonke idolobha phakathi kwazo zonke i—izifundazwe ezinkulu. Futhi o, imiBhalo yavele yagcwaliswa ngokufika kwaKhe, indlela Azofika ngayo, kodwa behluleka ukukubona. Niyabo? Kodwa Wenza isibonakaliso sikaMesiya, wafakazisa ukuthi WayenguMesiya, futhi bamala ngoba Wafika ngendlela engalindelekile kubo. Manje, ukuba nje babezimisele ngempela

ukuMemukela phezu kwesisekelo uNkulunkulu aMthumela sona!

140 Singakwazi kulobubusuku, njengabantu bePentecostal, semukele uMoya oNgcwele phezu kwesisekelo sokuthi uNkulunkulu wasithumela na? Singalindela ukuba uMoya oNgcwele wenze lokho uNkulunkulu athi Uyokwenza lapho Ungena na? Ingabe leso yisisekelo esifuna ukukwamukela phezu kwaso na? Noma sifuna ukuthi, "O, ngikholwa ukuthi ngemukela uMoya oNgcwele *ngenkathi* ngikholwa. Ngaxhawula umelusi wami, futhi, ngiyanitshela, ngi—ngikholwa ukuthi nginoMoya oNgcwele"? Lokho akusikho okwashiwo yiBhayibheli.

141 "Lapho Efika, Uyofakaza ngaMi," UJesu washo, niyabo, lapho Efika.

142 Manje, Ufakaza kanjani ngo—ngoNkulunkulu na? Uyakufakaza ngempilo Ayiphilayo kuwe. "Naziwa ngezithelo zabo."

143 Ungathi, "Awu, Mfowethu Branham, nginoMoya oNgcwele. Ngakhuluma ngezilimi."

144 Ngiyakukholwa lokho, nami. Kodwa uma lokho kuphila kungalandeli leso sehlakalo, khona-ke kwakukhona okungalungile, niyabo, unento engalungile. Niyabo? Kodwa uma uno—uma unoMoya oNgcwele wangempela, futhi wakhuluma ngezilimi, khona-ke ukuphila kuyakulandela. Bese kuthi-ke, uma uzisho ukuthi wawunoMoya oNgcwele, futhi waba nesehlakalo, bese kuthi-ke impilo yakho ayihambisani neZwi likaNkulunkulu, khona-ke unomoya ongalungile. Niyabo? Isizathu, "Awukwazi ukukha amagilebhisi e—ekhakhasini." Uyakwazi lokho. Niyabo? "Futhi baziwa ngezithelo zabo."

145 NoJesu, ngenkathi Efika, ezisho ukuthi WayenguMesiya, Wenza imisebenzi kaMesiya. Amen. Wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa. Kodwa uma Ngenza imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke kholwani imisebenzi." Isitatimende esinje pho! Kuyafana namuhla, njengoba Ethembisa kumaHeberu 13:8, "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade."

146 Amahlelo, izinhlangano ezinkulu zomhlaba, yini abayilindele lapho bebona i. . .imvuselelo iqala edolobheni na? Yini amahlelo ayilindele na? "Inkulumo enkulu enobuhlakani. Ufanele eze ngemfundo enhle, amazwi akhukhumele. Futhi ekwazi, ngobuntu, ukuthola ukubambisana yonke indawo, na—nakho konke kanjalo, nohlelo olukhulukazi." Wenzani na? Khuphukelani e-altare, isigejane soJezebeli abapendiwe ubuso abangagezi neze, isigejane sabafo ababhema usikilidi abazisho ukuthi bangamaKristu, futhi abakaze baqondise impilo yabo, besagwegwile njengombhobho wezinyoka. Ungitshela ukuthi lowo nguMoya oNgcwele na? Qha, mnumzane.

147 UMoya oNgcwele ubungcwele, namandla okuvuka kukaJesu Kristu. IBhayibheli lathi, "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade." Amen. Kuyiqiniso lokho, mfowethu, hhayi kancane. Kodwa i . . .

148 Kuyini na? Thola indoda phezulu lapho, ingahle ingingize kancanyana, futhi isaphaze kancane ngolwimi lwayo, futhi ingapeli kahle amagama athile, noma iwaphumisele ngokungesikho. Bese bethi, "A, akukho lutho kulowomfo."

149 Kuthiwani ngo-Dwight Moody wenu, omunye wabakhulu kunabo bonke oke waba nabo kusukela kuCharles Finney. Kunjalo. Kuthiwani ngoMoody na? Wayengakwazi neze ukufunda igama lakhe, umthungi wezicathulo omdadlana.

150 Ngolunye usuku, ngale, wayeshumayela kwabomdabu base Landani ngale eNgilandi, futhi wazama ukufunda iBhayibheli walibiza ngokungesikho. Ini? Yena, ngiyacabanga, wabiza amaFilisti, "AmaFilisti," noma okuthize, uhlobo oluthile lwegama alenzile. Wabuyela emuva uhhafu wevesi. Wazama futhi. Wayecabanga ukuthi uzoba nesikhathi sokuzama ukukupela. Wakugeja futhi. Wabuyela emuva wase efunda yonke into wayiqeda, waphinda wayigeja futhi.

151 Walivala iBhayibheli. Futhi wayazi ukuthi labo abomdabu baseLandani babehlezi lapho, nje . . . Kufanele kube ubuhlakani kubo. Walivala iBhayibheli. Wayesethi, "Nkosi Nkulunkulu, ngizokhuluma ngolimi ongithumele kulo." Mfowethu, wayiklebhula leyondawo yaba yizicucu. Wakwenza. Izinyembezi zagingqika zehla ezihlathini zakhe.

152 Kwafika iphephandaba lizophenya, ukubona ukuthi kungani wayedonsa abantu abaningi kangaka. Nephephandaba lafika labhala udaba, lathi, "Kungani noma ubani engeza ukuzobona u-Dwight Moody na?" Wathi, "Okokuqala, ubukeka engumkhaya kakhulu." Futhi wathi, "Okulandelayo," uthi, "ukhuluma ngamakhala. Akanayo—akanayo inkulumo enhle." Futhi wathi, "Ukubhalwa nokufundwa kwakhe kolimu kumpofu kunakho konke." Futhi wathi, "Ubukeka kabi kabi. Ukhuluphele, futhi uyindilinga, namadevu ebusweni bakhe bonke." O, bambiza ngakho konke, cishe impela.

153 Umphathi wakhe wakhuphuka weza wayesethi, "Mnu. Moody, nakhu okwashiwo yiphepha ngawe." Wafunda ukuthi bekuyini. "'Mnumzane,' washo 'kungani noma ubani eza ukuzobona uMoody na?'"

154 Futhi uMnu. Moody wavele wadlulisa umusho owodwa, wathi, "Hhe. Ngokwanele impela. Beza ukuzobona iNkosi." Yilokho kuphela. Abazange beze ukuba . . . Uma uzobona uDwight Moody, lokho kwehlukile; ufanele ube yinto ethile ongayibheka.

155 Mfowethu, uma uzele inkulumo yobuhlakani, yilokho okubhekile, yilokho okulindele. Kodwa uma uza ukuzobona

amandla nokubonakaliswa kukaMoya oNgcwele, kuzothatha amandla kaNkulunkulu aphuma eZulwini ukukwenza. Kunjalo. Kuya ngokuthi yini oyibhekile, yini oyilindele.

156 Lapho ngiza ebandleni, ngilindele insindiso. Ngilindele abantu abangcwele. Ngilindele isigejane esihlanziwe empilweni yesono. Yilokho okulindele, ngoba yilokho uNkulunkulu akudingayo. Kodwa uyabona ukuthi siyehlisa kanjani imigoqo na?

157 UMfowethu Spurgeon omdala, umfundisi omdala weMethodisti umngane wami, wayejwayele ukushumayela ngokuthi, wathi, "Sivumela . . . " noma, khuluma, acule ngakho, njalo. Wathi:

> Sehlise imigoqo, sehlise imigoqo,
> Sixegise ngesono.
> Sehlisa imigoqo, izimvu zaphuma
> Kodwa izimbuzi zingene kanjani na?

Ukwehlisa imigoqo, kunjalo, yehlisa imigoqo.

158 Hlala neZwi. UNkulunkulu akanaphutha. UNkulunkulu ungongenasiphelo Lowo ongeke aguquke. Akaguquki, uNkulunkulu ongaguquki, Lowo ofanayo owehla ngoSuku lwePhentekoste, wase egcwalisa indlu yonke ngomoya ovunguza ngamandla. Nezilimi zoMlilo ezehlukene phakathi zahlala phezu kwabo, futhi bonke bagcwaliswa ngoMoya oNgcwele. Lowo nguNkulunkulu ofanayo esibheke ukumbona namuhla. Kuya ngokuthi yini oyibhekile. UNkulunkulu ongenasiphelo, "NginguNkulunkulu, futhi aNgiguquki." Akaguquki. Akakwazi ukuguquka. Uma lokho kuyilokho Akunika labo abalindele bokuqala emuva lapho, yilokho Akunika abalindele besibili, yilokho Akunika abesithathu, abesine. Futhi wonke Ambizayo uzoba yinto efanayo.

159 Wathi, "NginguMvini. Nina ningamagatsha." Uma umvini uthela igatsha, futhi lithele amagilebhisi, umvini olandelayo noma . . . Igatsha elilandelayo elivezwa yilowo mvini lizothela amagilebhisi. Awukwazi ukwenza elilodwa lithele amathanga, elinye, amakhabe, bese kuba amagilebhisi. Awukwazi ukukwenza. Niyabo, kukhombisa ukuthi kuphosiwe. U—umvini ofakeliwe. Kunjalo. Noma yimuphi umvini oke waba . . . noma igatsha elithile elifakelwe emvinini.

160 Ngangimi lapha ngesinye isikhathi noMfowethu John Sharrit. Wangikhombisa cishe, o, cishe izithelo ezine noma ezinhlanu ezahlukene zokusawolintshi e . . . e . . . isihlahla. Ngikholwa ukuthi kwakungamapomegranati. Futhi—futhi, qhabo, mhlawumbe nginephutha lapho. Kwakungamawolintshi, nolamula, namathanjerine, namathangelo, nophaphamuzi, konke kumila esihlahleni samawolintshi.

161 Ngathi, "Kodwa, Mfowethu John, ngifuna ukukubuza okuthize. Lapho sezivela manje, ziphinde zihlume amahlumela azo futhi," Ngathi, "zonke zizoba amawolintshi na?"

162 Wathi, "Qhabo. Ngalinye legatsha, ngalinye lamagatsha amancane anqunywe futhi afakwa kulesi sihlahla. Uma kuyisihlahla sikalamula, sizoba njalo…Uma kuyigatsha likalamula, lizothela ulamula."

163 Ngathi, "Kodwa kuthiwani uma isihlahla sasekuqaleni siveza elinye igatsha na?" Wathi, "Lithela amawolintshi." Kunjalo.

164 Ngakho, mfowethu, singazigqobhozela ngokwenhlangano. Yilokho kuphela esinakho. Sithela izithelo zenhlangano. Sithela ubufakazi obubonakalayo benhlangano. Kodwa uma uphumele eMvinini, futhi ukuveza, isidalwa esisha kuKristu, uyothela ukuphila kukaKristu. Ngakho ngisize, uzokwenza. Kunjalo. Uzoba nesahlakalo esifanayo ababenaso ekuqaleni. Amen. Ngiyazi ukuthi kuyiqiniso.

165 Amahlelo abheka abanobuhlakani. Inkathazo, thina maPentecostal, sibheke kakhulu umoya ovunguzayo, sigeja iPhimbo elincane elihashazayo. Yilokho nje okuyikho. Niyabo? Yebo, mnumzane. Akulindelekile, ngesinye isikhathi. Uma lingenaPhimbo elincane elihashazayo kulo, awu…Noma, linaLo phakathi lapho, awu, asifuni ukuLemukela. Kwesinye isikhathi ukufundisa okuhle ngempela, ngesinye isikhathi, kusisika sibe yizicucu, kuthi ukusicanula kancanyana, niyazi. Ngezinye izikhathi lokho kusisiza kancanyana. Niyazi ukuthi lokho kuyiqiniso. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Kuyiqiniso, yebo, mnumzane, into ethile ezosisiza, isenzele okuhle.

166 Manje, u-Eliya wayezwile imimoya evunguzayo, futhi wazi ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu phandle lapho, noma into ethize eyayidlula. Wezwa izimvula, yonke into. Kodwa okwamethusa kwaba ngenkathi Efika kuleloPhimbo elincane elihashazayo. WayeMbonile eza emvuleni. WayeMbonile eza emlilweni, ngisho. Wezwa imimoya. Futhi wezwa imvula. Wezwa umlilo, futhi wawubona umlilo, nakho konke. Kodwa wethuka lapho kufika leloPhimbo elincane elihashazayo. Ngakho wafaka iveli ebusweni bakhe wahamba waphuma. O, mfowethu, yilokho-ke.

167 Ebesifanele sikwenze ukulalela ekujuleni kwenhliziyo yethu size sizwe iPhimbo likaNkulunkulu, bese siphuma kukho, ukholwe ukuthi kuyiqiniso. Yebo, mnumzane.

168 Mina, kodwa ngiyamangala namhlanje, mfowethu, uma sehluleka ukuqonda, nokho, phakathi kwethu uMoya oNgcwele. Ngiyamangala noma abantu ezimweni zethu zengqondo namuhla, uma singehluleki ukuqonda ukuthi lona nguMoya oNgcwele. Niyabo?

169 Manje, ngiyazi, kwabanye benu zihambi, mhlawumbe, ngasekamu kulobubusuku, abanye abantu bangahle baphile impilo ongaba namahloni ukuyiphila, wena uqobo. Lokho kungase kube yiqiniso. Kodwa, mfowethu, dadewethu, abanakho abakhuluma ngakho. Kunjalo. Lokho kuyiqiniso. Kodwa ungalokothi uhlulele ngalokho.

170 Ngenkathi ngingena eNdiya, kwakukhona indoda eyayifuna ukungifakazela ukuthi ingalala phezu kokuhlabayo. Omunye wayefuna ukuhamba emlilweni. Ufuna ukwenza zonke lezizinto, ukukhombisa lokho ayengakwenza, ngotiki, noma usheleni, noma upeni, noma ngabe yini omnika yona. Kodwa, lalelani, wayedlala indawo yomzenzisi phandle lapho. Kepha emuva le kuleyondawo yangaphakathi kwakukhona umuntu othembekile, wayekwenza ngempela lokho, ecabanga ukuthi babehlabela unkulunkulu ndawo ndawo. Kodwa wayedlala indawo yomzenzisi.

171 Sinento efanayo. Kunjalo impela. Abanye abesilisa, abesifazane, nje . . . noma okubizwa kanjalo, bavele bazame ukugqoka, futhi benze sengathi banoMoya oNgcwele, futhi nje ngoba bonke abanye uhamba ngaleyondlela.

172 Njengoba bengisho, ngobunye ubusuku. Lapho ngiqala ukungena epulpiti, nga—ngavuka lapho, futhi nga—ngaqaphela uDkt. Davis ngendlela ayeshumayela ngayo. Futhi ngisanda kuthola imvume yokubamba umhlangano, ngakho ngakhuphukela lapho. Ngacabanga, "Awusho, uyazi ukuthini? Ngingashumayela kanjalo nami."

173 Ngakho ngasukuma lapho ngase ngishwiba izingalo zami ngendlela efanayo enza ngayo, futhi ngagxuma *phansi-na-phezulu* ngendlela efanayo enza ngayo, futhi ngangithi nje, "Haleluya! Udumo kuNkulunkulu!" Futhi, "Haleluya! Udumo kuNkulunkulu!" Futhi, "Haleluya! Udumo kuNkulunkulu!"

174 Futhi khona-ke, into yokuqala niyazi, ngenkathi ngehla ngisuka lapho, zonke izalukazi zafika zathi, "O, bekumangalisa lokho, Billy!"

175 Kodwa uDkt. Davis omdala uhlezi lapho, ummeli omdala, niyazi, wangibuka ka*njalo*. Ngathi, "Ngenze kanjani, Dkt. Davis?"

176 Wathi, "Kubolile. Okubi kunakho konke engake ngakuzwa." O, he, wangibohlisa yini! Wathi, "Ngikufuna estadi sami kusasa ntambama, ngehora lesibili."

Ngathi, "Kulungile, uDkt. Davis."

177 Ngangena, ngishaye phansi kakhulu, niyazi. Wangibuka, wathi, "Ngicabanga ukuthi uzwa sengathi awusoze wangixolela, Billy."

Ngathi, "Qha. Ngifuna ukwazi ukuthi kungani."

178 Wathi, "Lapho ngiqala ukwenza ezomthetho," wathi, "Ngabheka ummeli. Futhi lokho akungabazeki kodwa lokho okwenzile nawe: ngibheke." Wathi, "Ngoba, ngiyakubona uzama ukudlula kuzo zonke izenzo engidlule kuzo."

179 Wathi, "Kodwa uyazi ukuthini?" Wathi, "Isizathu ngithe 'okubole ukwedlula konke kwengake ngakuzwa,'" wathi, "ngoba awuzange ulethe nokuncanyana kweZwi likaNkulunkulu. Ubukhala nje, futhi uthimula, futhi uxhaza amathe, futhi uqhubeka." Wathi, "Awuzange usho lutho ngeZwi," washo.

180 Futhi ngakho wathi, "Ngisukume lapho ngizame ukunxusa icala lesehlukaniso. Futhi ngathi, 'Lo wesifazane omncane ompofu! Bu-hu! Owesifazane omncane ompofu! Bu-hu!' Ngaqhubeka kanjalo."

181 Futhi wathi, "Ummeli omdala wahlala ngapheshey a lapho futhi wabukeka ka*njalo*, cishe isigamu sehora, ngaze ngaqeda ukushaya nokukhala, ngaze ngashelwa iphimbo, cishe impela." Wathi, "Ummeli omdala wathi, 'Mehluleli, Nkosi yenkantolo. Inkantolo yenu izoyimela kangakanani le mbudane na?'"

182 Wathi, "Ngathi . . . Ngaya kummeli omdala, futhi wangitshela. Wathi, 'Uyazi ukuthini? Ububanga umsindo omningi nakho konke. Uyilokho—uyilokho, kulungile. Kodwa,' wathi, 'ubungakhiphi noma yimuphi umthetho. Kudingeka umthetho ukunqoba icala.'"

183 Mfowethu, yilokho engikucabangayo kulobubusuku futhi. Kufanele kube yinto efanayo, mfowethu. Akunandaba ukuthi ingakanani imfundo, ubuhlakani, nanoma yini enye esinayo, kufanele kube namandla athile nokubonakaliswa kukaMoya oNgcwele ukufakazisa ukuthi nguNkulunkulu, lokho kuzoqondisa impilo yakho, kuzokwenza futhi kwenze ukuPhila okufanayo uJesu Kristu akwenza. Amen.

184 Wethembisa ngezinsuku zokugcina ukuthi Uyo . . . "Kuyoba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa." Umprofethi wathembisa lokho. Siqaphela ukukhanya ngomumo wendawo kuphuma empumalanga futhi kushona entshonalanga. Futhi ilanga elifanayo eliphuma empumalanga yilanga elifanayo elishona entshonalanga. Siyazi ukuthi lokho kuyiqiniso.

185 Manje, yaqalaphi impucuko na? Empumalanga. Kunjalo. Ihambe nelanga, futhi manje isisoGwini lwaseNtshonalanga. Iqhubekela phambili, izobuyela empumalanga futhi. Impumalanga nentshonalanga sekuhlangene, impucuko. Sifuna nikuqaphele lokhu umzuzu nje.

186 Manje, khumbulani, umprofethi wathi, "Kuyoba khona usuku olungeke lukhanye noma lube mnyama, usuku olukhwantabele. Kodwa ngesikhathi sokuhlwa, kuyakuba ngukuKhanya." Manje qaphelani. "Kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa."

187 Manje, iNdodana kaNkulunkulu yakhanyisa ukulunga kwaYo namandla phezu kwabantu basempumalanga cishe eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule. Futhi sekufike ibanga lesikhathi lapho sesibe nezimfundiso zobuhlakani. Sibe nesikhathi esimnandi. Senze izinhlangano. Senze umsebenzi omkhulu, okungukuthi kulungile. Wusuku olukhwantabele nje.

188 Angicabangi ukuthi niyakuthola lapha ePhoenix, kodwa empumalanga siyakuthola, ukuthi ukuba namafu, ukukhanya okwanele ukuhambahamba; kodwa ilanga alikhanyi. Ndawondawo liyakhanya, ngoba wena . . . Bekungeke kukhanye ukuba belingakhanyi. Kodwa akukhona ncamashi ukukhanya kwelanga okuhle. Kodwa-ke ngesikhathi sakusihlwa, amafu ayahlehla, futhi lona kanye ilanga ebelikhanya empumalanga likhanya entshonalanga.

189 Khona-ke uJesu ofanayo, uMoya oNgcwele ofanayo owehlela emuva kubantu basempumalanga, wehlile osukwini lwenhlangano, futhi wehlela phansi lapha ngezinsuku zokugcina, ukukhanyisa ukuKhanya emkhathizweni wangasentshonalanga. NguJesu ofanayo, into efanayo, Othandekayo ofanayo.

190 Ulapha kulobubusuku ngesimo sikaMoya oNgcwele. Uza! U—UnguNkulunkulu ongaguquki. Akaguquleki nje. Qhabo. Uza ngezindlela ezingalindelekile, enza izimanga, ngezindlela ezahlukene, enze izimanga zaKhe. Izindlela ezingaqondakali, njalo, ukwenza izimangaliso zaKhe.

191 Kodwa khumbulani, uJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Akekho ongakungabaza lokho, kodwa lokho Athi, "Njengoba kwakunjalo eSodoma." Manje, eSodoma, lokho kwakungaphambi nje kokuba umlilo wehle futhi ushise iSodoma neGomora. Futhi manje ngaphambi nje kokuthi sishaye lelohora laphakathi kwamabili, okoKufika kwesibili kukaKristu, nomhlaba ozobhujiswa ngomlilo.

192 Kwenzekani na? Kwakukhona izigaba ezintathu zabantu ngalolosuku, futhi kunezigaba ezintathu zabantu namhlanje. Okokuqala, kwakukhona abaseSodoma; izwe. Kwakukhona uLoti nabantu bakhe; ibandla, eligcina umthetho, uhlobo lobuhlakani. Futhi kwakukhona u-Abrahama neqembu lakhe; u-Abrahama neqembu lakhe, behlezi phezulu lapho, iBandla eliKhethiwe nelibizelwe ngaphandle.

193 Khumbulani, manje, kwakukhona amaqembu amathathu. AbaseSodoma; izwe elinesono, elibi njenganamuhla. Kwakukhona ilunga lebandla, lisivivi, libanda; uLoti, iqembu lakhe. Kwakukhona u-Abrahama, obizelwe ngaphandle kulo, futhi wayehlezi phandle lapha ogwadule, ethatha izinto

ezinzima. Kulungile. NeNkosi yehla isesimweni soMuntu, iSikhulumi salezi ziNgelosi ezintathu ezama.

194 Manje, omunye wangibuza, wathi, "Mfowethu Branham, awukholwa ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu na?"

195 Ngathi, "KwakunguNkulunkulu. Ngoba, manje, lalelani. U-Abrahama waMbiza, ngosonhlavukazi N-k-o-s-i. Futhi noma yisiphi isifundiswa siyazi ukuthi lowo ngusonhlamvukazi N-k-o-s-i ngu-Elohim, okunguNkulunkulu."

196 Wathi, "Awu, Wayeyoke enze kanjani . . . " Ngathi . . . Wathi, "UNkulunkulu, edla na?"

197 Ngathi, "Impela." Ngathi, "UNkulunkulu wavele weluleka ngale wase ethola idlanzana lo—lokukhanya komhlaba nezulu, nanoma yini enye Ayedingeka ayihlanganise, nephetroliyamu, nokukhanya nokukhanya komhlaba nezulu, ne—nekhalisiyamu ethile, nephothashi. Wathi, 'Whewu! Ngena kulokho, Gabriyeli. Whewu! Ngena kulokho, Mikayeli.' Futhi wangena kukho, Yena uqobo."

198 UnguNkulunkulu. Uyehluleka ukubona ukuthi UnguBani. UnguNkulunkulu ongaguquki. Ngiyajabula ngiyaMkholwa kulobubusuku, ukuthi ngolunye usuku lapho impilo yami, umzimba wami nezakhi zawo eziyishumi nesithupha zizobuyela othulini lomhlaba. Kodwa Uzothi, "William Branham," futhi ngizophuma. Uyophefumulela kuwo umoya wokuphila, athi, "Nakho la ukhona." Uyokweqa ukuzalwa—ukuzalwa ngomama wami, nokunye nokunye.

199 NjengoJesu, ngesimangaliso saKhe sokuqala, Waphendula amanzi aba yiwayini. Ekugcineni kwakuyoba iwayini, kodwa Wayidlula yonke leyonqubo, futhi wathi, "Phendula amanzi abe yiwayini."

200 Ekuvukeni, Angeke athi, "Mnu. noNkk. Branham shadani futhi bese nizala uWilliam." Uzokhuluma, futhi ngizovela. Amen. Lowo nguYe. UnguNkulunkulu.

201 Impela, Wakwenza. Wehlela lapho phambi kuka-Abrahama. Manje, bhekisisani ukuthi Wenzani manje.

202 Khumbulani, Zazehla, ezimbili zeziNgelosi zehla futhi zashumayela eSodoma. Ngabe kunjalo na? Zaba nomhlangano ezansi lapho. Kodwa Zenzani na? Azizange zenze izimangaliso eziningi kakhulu, kodwa Zenzani na? Zashaya ngobumpumputhe labo baseSodoma.

203 Futhi manje sinalezozingelosi ezifanayo ezishumayela ebandleni eligcina umthetho namhlanje: uBilly Graham, kanjalonjalo. Futhi yini ephuphuthekisa umhlaba na? IZwi. Nokushumayela iZwi, kuphuphuthekisa ongakholwayo.

204 Kodwa bhekisisani leli eliKhethiweyo, iBandla elibizelwe ngaphandle, leNgelosi eyakhuluma lapho ku-Abrahama.

205 Yena, manje khumbulani, igama lakhe lalikade kunguAbrama kwaze kwaba yizinsuku ezimbalwa ngaphambili. Futhi igama lomkakhe kwakunguSarayi, S-a-r-a-y-i. Kodwa, yena, uNkulunkulu wayehlangane no-Abrahama esimweni sikaMoya, futhi wayeseguqule igama lakhe lisuka ku-Abrama libe ngu-Abrahama, lisuka kuSarayi libe nguSara.

206 Futhi manje bhekisisani leNgelosi, uthuli ezingutsheni zaYo, futhi Yathi, "Abrahama, uphi umkakho, uSara na?"

207 Ngiyazibuza. Kumelwe ukuthi u-Abrahama wathi, "Ukuhola kwami—kwami kwakulungile. Ngizwe nje okuthile. LowoMfo wayehlukile."

Wathi—wathi, "Usetendeni elingemuva kwaKho lapho."

208 Wayazi kanjani ukuthi wayenonkosikazi na? Wayazi kanjani ukuthi igama lakhe laliguquliwe na? Wayekwazi kanjani lokho, yena, lezi zimo na? Wathi, "Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila." Wayengazi kanjani ngisho nokuthi u-Abrahama wayeshadile na? Niyabo? "Uphi umkakho, uSara na?"

209 Wathi, manje bhekani, "Ngi," leso sabizwana somuntu lapho, "Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila." Niyabona ukuthi kwakunguBani. Niyabo? Niyabona ukuthi kwakunguBani. Futhi Yena—Yena wathi . . .

210 Futhi uSara, etendeni, wathi, "Ngingakwazi kanjani na?" Wahleka. Ngamanye amazwi, ukuhlekela ngaphakathi okuncane, uyazi, kuye uqobo, wathi, "Manje bheka. Ngingaba kanjani nenjabulo futhi na?"

211 U-Abrahama wayeneminyaka eyikhulu ubudala, futhi iBhayibheli likhuluma ngokusobala phandle lapho manje, ukuthi bobabili base bebadala impela futhi sebekhulile. Futhi indlela kaSara yayisihambile kudala. U-Abrahama, umzimba wakhe usufana nofileyo. Futhi isibeletho sakhe sase somile futhi sifile, iminyaka.

212 "Ngizokuvakashela ngokokuphila, isikhathi sokuphila, futhi uzoletha lo mntwana."

213 Manje qaphelani, ngaphambi kokuvala. Futhi uSara wahleka, wathi, "Kungake kwenzeke kanjani lokho na? Mina, futhi njengoba ngimdala nginje, ngiphinde ngijabule, kanye nenkosi yami futhi." Manje qaphelani, lokho ngu "n" omncane lapho, "nkosi," u-Abrahama. "Naye esemdala, futhi."

Futhi iNgelosi yathi, "Uhlekeleni uSara na?" O, he!

214 Manje, khumbulani, uJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, nasemihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

215 Kuyini na? NguNkulunkulu, uMoya oNgcwele, ohlala phakathi kwenyama yomuntu, kulezi zitsha ezingcwelisiwe ezahlanzwa iGazi leNdodana kaNkulunkulu, ngokukholwa;

noNkulunkulu ehlezi kulezi zitsha, enza futhi eqhuba imisebenzi kaJesu Kristu, eMenza onguye izolo, namuhla, naphakade. Uma sibhaphathizwa ngoMoya oNgcwele eMzimbeni, khona-ke siba nguMzimba kaKristu. Khona-ke sivuswa kanye naYe. Lapho Evuka, savuka kanye naYe ekuvukeni. Ngoba, UyiNhloko, futhi iNhloko noMzimba kundawonye. Manje-ke, namhlanje, uKristu useBandleni, kuwe, nemisebenzi yaKhe Ake ayenza. UJohane oNgcwele 14:12, "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza." Kunjalo. AmaHeberu 13:8, "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade." Niyabona lapho na?

216 Abantu abakulindele ukuthi kube ngaleyondlela. Balindele ukuthi sibe yisigejane sabantu abangafundile, abangazi ngisho nokuthi bakhuluma ngani. Bakholwa ukuthi yisigejane sezidomu. Kodwa si—singahle, ngomqondo abakhuluma ngawo.

217 Kodwa semukele uMoya oNgcwele ngendlela uNkulunkulu aWuthulula ngayo, futhi sathola imiphumela efanayo ababenayo emuva lapho, ngakho kufakazisa ukuthi Unguye. UnguNkulunkulu ongaguquki. Sithola imiphumela efanayo. Amen.

218 Umama wami uqobo ngesikhathi efa, wathi, "Billy, ubulokhu . . . " Ngambhaphathiza eminyakeni eminingi edlule. Wathi, "Ubulokhu uwumholi wokomoya kimi, Billy."

Ngathi, "Mama . . . "

219 Niyazi, abantu bakithi bangamaKatolika. Futhi ngathi . . . Ngenkathi ngiqala ukwazi ukuthi uNkulunkulu wayenguNkulunkulu, ngangikwazi impilo yami yonke, kusukela kumfana omncane, kodwa abantu bakithi abakaze baye esontweni. Futhi ngehla futhi ngakhuluma nompristi, futhi wathi, "Yi*leli* ibandla. Yi*lena* indlela."

Ngathi, "Awu, iBhayibheli na? Ngangingakwazi yini . . . ?"

220 Wathi, "Manje, uzodideka kakhulu. Niyabo? Yi*leli* ibandla. UNkulunkulu usebandleni laKhe. Ufanele ukholwe ibandla."

221 Awu, ngaya kumaLuthela, futhi athi, "Siyibandla. Singumzimba wamakholwa."

222 Ngawelela kwiMethodisti. Bathi, "Singumzimba wamakholwa."

223 Ngaya kumaBaptisti. Bathi, "Qhabo, bonke banephutha. Siyilokho."

224 Ngacabanga, "Kwenzekani lapha na? Ibandla liwumzimba wabantu. Futhi *leli* lisho nga*le*ndlela. *Leli* lisho nga*le*ndlela. Nanga*le*ndlela, nanga*leyo*ndlela, nanga*leyo*ndlela. Kukhona okumele kungahambi kahle."

225 Ngakho ngathi, "Ngabuyela ngqo eBhayibhelini, mama, futhi ngafunda khona impela nje lokho lelobandla lokuqala elakwenza. Futhi indlela abakwenze ngayo, yileyondlela

engakwenza ngayo, nami, futhi ngathola imiphumela efanayo." Ngathi, "Makabongwe uNkulunkulu. Lokho kunganele."

226 Inqobo nje uma ngisenemiphumela efanayo, ngibona uJesu ofanayo. Ngibona uNkulunkulu ofanayo owasebenza eTestamenteni eLidala, eTestamenteni eLisha, phansi ngaphambi komkhandlu waseNayisiya. Wasebenza phakathi lapho kwaze kwaba ukufika kwebandla lamaRoma aKatolika elamukela izimfundiso-ze ezingaphikiswa esikhundleni seBhayibheli, laphuma ladlula eminyakeni yobumnyama, futhi labuya ngoLuther, uWesley, nasezansi lapha onyakeni webandla laseLawodikeya. "Futhi kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa." UNkulunkulu uzokhipha iBandla ngokuqinisekile nje njengoba ngimi lapha. Kuzoba khona. Futhi sibona uMoya oNgcwele ofanayo, ngezithembiso ezifanayo, enza imisebenzi efanayo nento efanayo, malibongwe iGama leNkosi.

227 UNkulunkulu ongaguquki uzoninika uMoya oNgcwele ofanayo Abapha wona lapho, ngaphandle koguquko. Uyokwenza izinto ezifanayo Azenza ngenkathi Elapha emhlabeni, kunoma yimuphi owesilisa noma owesifazane oyokukholwa futhi akwamukele. Uma unoMoya oNgcwele, wubambe njengoba kwenza uJakobe, futhi ubambelele kukho kuze kufike imiphumela emihle. Amen. Kukholweni, bangane.

228 Futhi ngesikhathi esingalindelekile, futhi mhlawumbe indawo engalindelekile. Kodwa uma Ezokwenza endaweni engalindelekile, kufanele Akwenze kakhulu kangakanani kulobubusuku endaweni elindelekile, lapho silindele ukukubona kwenzeka na?

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

229 Amakhanda enu esakhotheme, futhi ngethemba ukuthi izinhliziyo zenu zikhotheme, futhi. Uxolo ngokunigcina isikhathi eside njengoba ngenzile, kuze kube ihora lesishiyagalolunye nqo. Kodwa ngithanda ukunibuza lo mbuzo: Niyazi, singase singaphinde sihlangane. Ukukhanya kwemini kungase kungafiki ekuseni kwabanye bethu. Futhi uma kungaba njalo, ukuthi asisoze sakubona okunye ukuphuma kwemini, siyophinde sihlangane ngaphesheya komfula na? Kuyobakhona yini . . . Ngabe wena nokuthula ne . . . enhliziyweni yakho, kanye nesiqiniseko, isiqiniseko sangokomBhalo njengalaba bantu engikhulume ngabo kulobubusuku, ukuthi ngenkathi uhlangana noNkulunkulu, waba nesehlakalo sangokomBhalo na? UNkulunkulu wayiguqula impilo yakho ngokuphelele, futhi manje awuseyena nje umuntu ofanayo, owakhiwe kabusha, waphuculisiswa, kodwa wena uyisidalwa esisha, isidalwa esisha kuKristu na? Uma ungekho ngaleyondlela . . .

230 Asinakho ukuma e-altare, noma indawo. Kodwa ngithanda ukubuza ubuqotho bakho. Uma ungafisa ukuthi ngikukhulekele lapha, epulpiti, ngokwazi ukuthi ngolunye usuku kuyodingeka

ngihlangane nawe futhi ngiphinde ngihlangabezane namazwi ami engiwashilo kulobubusuku, ubungakwenza yini, nge . . . bonke bekhothamise amakhanda abo namehlo evaliwe, ungasiphakamisa nje isandla sakho futhi ubonise, ngalokho, "Ngikhulekele, mfowethu, ukuthi ngi—ngifuna ukuba ngaleyondlela?"

231 UNkulunkulu akubusise, futhi akubusise. Akubusise, nenekazi eliselincane. UNkulunkulu akubusise. Ngaphandle, noma yikuphi, beka izandla zakho emafasiteleni, noma ngabe kukuphi. UNkulunkulu uzobusisa.

232 Vele uphakamise isandla sakho, ngobuqotho obujulile, bese uthi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi. Bengi—ngihlala ngifuna ukuba ngaleyondlela, Mfowethu Branham, kodwa ngandlela thize enye, angizange nje ngikwazi ukukuthola lokho."

233 O, mngane oyigugu, ngeke ubambe okuthize na? Ngikholwe, njengenceku yaKhe. UMoya oNgcwele uqinisile. Ungavumeli muntu ukuba akukhulume akususe kuWo. Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo, mngane ongumKristu. Uma usanda kujoyina ibandla, uma usanda kubhaphathizwa emanzini, futhi awukabhaphathizwa ngoMoya oNgcwele, empeleni awukaze uvuselelwe.

234 Manje, yithi, "Mfowethu Branham, nga—ngakhuluma ngezilimi, mina—mina ngenze *lokhu,* noma ngenza *lokho*." Manje, ngiyakholelwa kulokho nami. Ngikutshelile. Kodwa, khumbula, ubungasina eMoyeni. Ubungakhuluma ngezilimi.

235 Ngiwabonile amaHindu enza lokho. Ngizibonile izangoma zikhuluma ngezilimi, zizihumushe. Futhi ngizwile. Ngaya ekamu ngesinye isikhathi, lapho kwakukhona abazalwane abathile abangena lapho, futhi ngibone ukuxhumana nemimoya yabangasekho ngezilimi, nepensela lifika futhi libhale ngezilimi ezingaziwa; bakufunda bakuqeda. Niyabo? Zonke lezozinto, okungukuthi, lokho kungaba ngudeveli.

236 Kodwa, mfowethu, uma ukhuluma ngezilimi, bese uqhubeka uphila impilo owake wayiphila, khona-ke kukhona okungalungile ngesehlakalo sakho. Niyabo? Uma unalokho, into kuphela oncike kuyo ngukukhuluma ngezilimi, ungakuzami lokho. Uzoya ngale kwezimpophoma, futhi leso sikebhe asisoze samelana nakho. Kodwa nge . . .

237 "Lapho kukhona izilimi ziyonqamuka. Lapho kukhona iziprofetho, siyohluleka. Kodwa nxa okupheleleyo sekufikile," o, lolothando lukaNkulunkulu, olucebe kakhulu futhi olumsulwa, olungenakuqondwa futhi lunamandla, khona-ke lezi ezinye iziphiwo zizosebenza kanye nakho impela. Niyabo? Lezo yiziphiwo zikaMoya oNgcwele oziphiwe, ukukhuluma ngezilimi, ukuprofetha, nokunye, ukuhumusha. Lokho okokwakha iBandla, ukwakhiwa koMzimba. Kodwa kuqala yemukela uMoya oNgcwele, ukuze ubone ukuthi impilo yakho iguqukile.

238 Manje, sekube nezandla ezingaba yisishiyagalombili noma eziyishumi eziphakamile selokhu kade ngikhuluma. Angaba khona omunye ngaphambi kokuthi ngikhuleke na? UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Awu, uNkulunkulu akubusise, dade. Engaba khona omunye na? Vele uphakamise isandla sakho, usho, ngobuqotho obujulile, "Mfowethu Branham, ngikhumbule." UNkulunkulu akubusise lapho, mfowethu. Omunye futhi na? Yithi nje, "Ngikhulekele." Ngingakukhulekela kuphela, mngani wami. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Futhi uNkulunkulu akubusise lapho, dade. Manje, Uyasibona isandla sakho.

239 Khumbula, uJesu wathi, "Ozwa amazwi aMi akholwe ngoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade, futhi akayikungena ekulahlweni kepha wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Simele sikukholwe lokho ngenhliziyo yethu yonke. Kholwa ngakho konke okukuwe, futhi uNkulunkulu uzakunakekela konke okunye.

240 Baba waseZulwini, manje sikunikeza lezi zithameli ezincane. Lawa mazwi aphukile, akhulunywe ngovalo kulobubusuku, Nkosi, ngimi lapha nomuzwa walabobantu abami lapho, nezitho zabo zinkenketha. Nkulunkulu, ngibiza umphefumulo wabo. Okungcono kunakho konke engaziyo ukuthi kanjani, Nkosi, ukuletha iZwi, indlela yami empofu ethobekile, imbewu encane eyayikuyo, Baba, yihlwanyele ezinhliziyweni zalabobantu. Futhi ngibiza umphefumulo wabo, ukuthi awuyikulahleka, kodwa uyovela ngaleya ngalolosuku ekuvukeni. Siphe khona, Nkosi.

241 Wena unguNkulunkulu. Akekho omunye uNkulunkulu ngaphandle kwaKho. Abahedeni banezithombe. SinoNkulunkulu ophilayo, okuwukuphela kukaNkulunkulu weqiniso ophilayo. Besingacabanga ngaWe, Baba, uhlezi ngaleya ePhakadeni, ukukhanya ngokugqama okuphindwe ngezigidi ukwedlula amalanga ayizigidi eziyizinkulungwane eziyishumi. O Nkulunkulu, khanya! Wena Obungenza imihlaba, ubeke isimiso sonozungezilanga esikhulu ezibhakabhakeni, bese—bese-ke wehla ukusindisa isoni, ukhathalele ngokwanele ukuba lapha kulelitabernakele elincane kulobubusuku nalababantu abangamaKristu. Ngokuba, uJesu usinika iZwi, ukuthi, "Nomaphi lapho kuhlangene ababili noma abathathu ngeGama laMi, Ngiyoba phakathi kwabo."

242 Manje, sindisa lababantu, Baba. Yilokho kuphela engikwaziyo ukuKucela khona, futhi ngikholwa ukuthi Uzowuphendula umkhuleko wami. Futhi ngikhulekela ukuthi kusasa bazobe besebandleni ngqo, futhi belungele umbhaphathizo, ngisho nanamhlanje ebusuku, uma bengakaze babhaphathizwe. Ngikhulekela ukuthi Uzobagcwalisa ngoMoya oNgcwele. Mababambelele kuleliQiniso langempela

likaNkulunkulu kuze kube yilapho ukufa kuyakubakhulula. NgeGama likaJesu ngiyakhuleka. Amen.

243 Manje, zethameli, ngifuna ukunibuza umbuzo owodwa, ngesizotha, ngokungcwele. Emizuzwaneni embalwa sizobe sivala. Njengoba ngishilo, singase singaphinde sihlangane. Ngethemba ukuthi sizohlangana. Kodwa khumbulani, sizofanele silandise ngalobubusuku, lapho sesifika ekwaHlulweni. Ngizofanele ngiziphendulele ngalokho engikushilo, ngalokho engikwenzayo. Konke kufanele kuphendulwe ngakho, kuNkulunkulu. Futhi uma—uma ngitholwa nginecala, niyazi ukuthi kwenzekani kimi. Ngingaqoka ukuthi ngivume ngife ngiyisoni, kodwa ngingavumi neze ngife ngingumkhohlisi. Mangibe neqiniso, ngithembeke.

244 Manje, bheka. Uma uJesu Kristu enguye izolo, namuhla, naphakade . . . Futhi ngikhuleka lokhu. Manje, angazi ukuthi Uzokwenzani. Isizathu, lesi yizethameli ezincane nje zabantu . . . Futhi kukhona abantu abamile, futhi sekuyisikhathi. Sengisedlule kakhulu isikhathi. Kungaba nzima ukwenza umugqa womkhuleko udlule lapha, kodwa ngizonikhulekela ezethamelini. Kodwa makuthi . . . Ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzokunika into ongabeka izandla zakho phezu kwakho, njengoba uJakobe ayenakho; awukaze ube nakho, niyabo, into ongabeka izandla zakho phezu kwayo.

245 Manje, kini bantu phandle lapho enihluphekayo, ngikhulume kini ngeNgelosi eyehla, okwakunguNkulunkulu ebonakaliswa emzimbeni womuntu, Obonakaliswa kithi uma singamakholwa. Kwase kuthi-ke ngenkathi Esefulathelise umhlane waKhe, uSara . . . Wakuqonda lokho uSara ayekusho nayekwenza ezethamelini.

246 Khona-ke ngesinye isikhathi, kwenze kucace kini, ukuthi Wedlula e—esixukwini sabantu, futhi kwakukhona owesifazane omncane okungenzeka ukuthi wayezodumala njenganoma ubani lapha.

247 Thina ngokuvamile . . . Izolo ebusuku sibe nokuxoveka okuncane. Futhi besinabantu abaningi kakhulu abakhulekelwayo, sibe nomfana ukuba ahambe akhiphe amakhadi omkhuleko ngenkathi bengisashumayela. Futhi ngakho ngezinye izikhathi beza emuva naphambili, nasemuva naphambili. Futhi nonke nifuna ukuya kuSonto sikole. Omunye wangitshela ngaphandle, wathi, "Phuma kuse-eli, ngoba lababantu ufanele ashayele kude futhi abuyele uSonto sikole."

248 Ngifuna ukugcina leso sithembiso. Ngathi, "Ngizokwenza. Ngizokwenza." Niyabo? Futhi ngi—ngifuna nibambe. Uma . . .

249 Into esemqoka, ukuthi, thola into ethile engokoqobo. Bangaki okholwayo ukuthi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade na?

250 Khona-ke, uma—uma nginitshele ukuthi umoya kaJohn Dillinger ubufike kimi, bengingaba ngumuntu oyingozi ukuba ngakuye. Bengingaba nezibhamu futhi ngibe umdlwembe. Ukuba bengikutshelile ukuthi umoya wo—womdwebi othile omkhulu ubuphezu kwami, ubungalindela ukuthi ngipende isithombe ngendlela lowo mdwebi angenza ngayo. Ukuba bengikutshele ukuthi umoya ka—ka—kaHoudini, ingcweti yokuphunyuka, ubungalindela ukuthi ngenze izinto azenza. Ukuba bengikutshele ukuthi umoya womculi othile omkhulu wawuphezu kwami, ubungangilindela ukuba ngithinte lezo zinkinobhho ngendlela nje, ngoba umoya wakhe uphezu kwami. Niyabo?

251 Uma nginitshela ukuthi uMoya kaKristu uphezu kwami, khona yenzani imisebenzi kaKristu. UKristu washo ukuthi uNkulunkulu wayekuYe. "UNkulunkulu wayekuKristu, ebuyisana nezwe kuYe uqobo." Sonke siyakwazi lokho, ukuthi uNkulunkulu wazimelela Yena uqobo kuKristu, ukubuyisana nezwe kuYe uqobo. Wayengu-Imanuweli. UJesu wathi, "AkuMina owenza imisebenzi. NguBaba waMi ohlala kiMi, Wenza imisebenzi."

252 Futhi edlula, ngalowoMoya ofanayo kuYe, owesifazane omncane wathinta umphetho wengubo yaKhe. Manje, Akakuzwanga lokho, ngokomzimba. Niyazi Akakaze. Qhabo impela. Isizathu, ingubo yasePalestine, uma ekhona owaziyo, yayinengubo yangaphansi, nengubo enkulu endizayo ilengela phansi ka*njalo*. Ngakho Wayengeke athinte . . . Wayezo . . . Wayengeke abe . . . Wayengeke akuzwe lokho, nawo wonke umuntu eMzungezile. Kodwa wathinta ingubo yaKhe ngokukholwa.

253 UBartimewu oyimpumputhe wathinta ingubo yaKhe ngelinye ilanga, esangweni, ngoba Wayengakaze akuzwe lokho kukhala.

254 Abanye babo bethi, "Yeyi, Wena, vusa abafileyo. Kukhona wonke amathuna agcwele bona phandle lapha. Woza, ukwenze," futhi behlekisa ngaYe. Futhi abapristi nakho konke, "Woza, yenza *lokhu,* futhi wenze *lokho*." Akazange athi vu.

Kepha isinxibi esiyimpumputhe, "O Nkulunkulu!"

Futhi uJesu wema. "Mletheni lapha." Niyabo? Niyabo?

255 Lowo wesifazane omncane ebone ukuthi wayengeke akwazi ukuthola ukunaka kwaKhe, ngoba orabi nabapristi nabo bonke beMzungezile, nawo wonke umuntu. Futhi wathinta ingubo yaKhe. Futhi uJesu wema, wathi, "Ubani oNgithintile?"

256 Futhi Petru waMkhuza nokumkhuza, wathi, "Ubani o 'thinte' Wena? Wonke umuntu uyaKuthinta. Kungani usho into enjalo na?"

257 Wathi, "Kodwa Ngiyabona ukuthi amandla, amandla okuqina aphumile kiMi. Umuntu othile ube nokuthinta okuthile."

258 Futhi Wabuka phezu kwezethameli waze Wathola owesifazane omncane. Futhi yayiyini inkathazo yakhe na? Wayenomopho. Futhi uma wayenokukholwa okwenele ukuthi athinte uNkulunkulu, lokho kwaphonsa ukusabela phezu kukaJesu. Bese kuthi-ke uma uKristu ekithi, sigcotshwe ngoMoya oNgcwele, ngeke yini isifiso sakho esifanayo sithinte into efanayo na?

259 Manje, ngifuna ukubuza nina befundisi okuthize. Ingabe iBhayibheli liyasho, ukuthi, "UJesu Kristu ungumPristi oMkhulu, khona manje, onokuzwelana nobuthakathaka bethu"? Ingabe kunjalo na? Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuyiqiniso na? IBhayibheli lakusho lokho, iTestamente eLisha. "Njengamanje ungumPristi oMkhulu ongathintwa u" ini "umuzwa wobuthakathaka bethu."

260 Awu, manje-ke, ubungazi kanjani ukuthi uthinte Yena na? Uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, Uyokwenza ngokufanayo Akwenza izolo. Ingabe kunjalo na?

261 Awu, manje, Akanazandla emhlabeni ngaphandle kwezami nezakho. Iphimbo laKhe emhlabeni lingelethu; iphimbo lethu linikezwe Yena. Yingakho sishumayela iVangeli. Sikholelwa ukuthi akuthina. Siphefumulelwe ukushumayela lezozinto, uMoya oNgcwele ukhuluma ngathi. Niyabo? Asikholwa ukuthi yithi esingenza lokho. Impela akunjalo. Ngiyazi ukuthi angikwazanga. Futhi—futhi si—siyazi ukuthi ukuphefumulelwa kukaMoya oNgcwele.

262 Khona-ke uma umuntu eshumayela into ephambene, ephika iZwi; khona-ke uMoya oNgcwele angalibhala kanjani iZwi, futhi ajike, aLiphike ngomuntu na? Angeke akwenze. Kufanele kube yiZwi. Kufanele kuvele ngendlela nje okulotshwe ngayo, impela nje.

263 Manje, uma "EngumPristi oMkhulu." Asibambe lowomBhalo owodwa, sithathe lokho nje. Uma EngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu, khona-ke indlela kuphela oyoke wazi ngayo, bekungaba Yena . . . Uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, Uyokwenza ncamashi njengoba Enza ngenkathi lowo wesifazane eMthinta.

264 Bese kuthi-ke uma ngiyinceku yaKhe, noMoya waKhe ukimi, ungathinta ingubo yaKhe noma ngabe ukuphi. Bekungeke . . .

265 Ingubo yami ibingeke yenze mehluko. Ngingumuntu, isoni esisindisiwe ngomusa. Kodwa kungengaphezu komkakho, umyeni wakho, noma umfowenu, noma kungaba ngubani, umelusi wakho. Sonke, siyefana. Kodwa UngumPristi oMkhulu. Angiyena umPristi oMkhulu. Yena unguye.

266 Wena ungithinta akuyikusiza ngalutho; kodwa ukuMthinta kuyokwenza. Kodwa uma ngingakwazi ukuzithoba kuYe . . . Nginjengale—le mayikhrofoni lapha. Le makrofoni iyisimungulu ngokuphelele kuze kube yilapho kukhuluma okuthile kuyo. Ingabe kunjalo na?

267 Awu, khona-ke, angazi noyedwa wenu laphaya. Futhi uma bengizoKubona phezu kwabanye benu engibaziyo, bengingeke ngisho lutho. Ngiyamazi uMfowethu noDadewethu Dauch behlezi khona lapho. Futhi ngikholwa ukuthi lona ngumfowethu omncane ongumGreki lapha ovela eGreece, engi—engingalikhumbuli igama lakhe, uDavid. Futhi ngaphandle kwalokho, ngicabanga ukuthi lokhu yi . . . laba bantu khona lapha, kunjalo, lawa mantombazane amathathu noma amane khona lapha kuloluhlu olungaphambili, ngiyawazi, ngoba avela eGeorgia nangale eTennessee. Eza ebandleni lami. Abanye balabobantu bashayela amamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu ngeSonto, njalo ngeSonto engishumayela ngalo. Ngaphandle kwalokho, ngicabanga ukuthi uDadewethu Evans uhlezi khona lapho, noDadewethu Ungren nabo, uMfowethu Evans, ehlezi khona nga*lapho*.

268 Manje ngiyanibuza bantu. Bangaki phakathi lapha ogulayo, futhi uyazi ukuthi angikwazi, angazi lutho ngawe na? Phakamisani izandla zenu. Yibani nokukholwa.

269 Manje, Baba waseZulwini, Uyayazi inhliziyo yami. Futhi a—a—angizi kulokhu, ukwenza umbukiso wasemsamo ngaWe, Nkosi. Akudingekile ukuba wenze lokhu. Uma Ungafuni ukukwenza, Baba, akukho entandweni yaKho yobuNkulunkulu, khona-ke vele ukuvale, ngenxa yabo. Sizwa ukuthi uMoya oNgcwele kade ulapha futhi wasibusisa.

270 Kodwa njengoba ngikhulume ngaleyo ndaba, "NginguNkulunkulu, angiguquki." Khona-ke ngenkathi Uhamba lapha usesimweni somuntu, emhlabeni, u-Emanuweli, owesifazane omncane wathinta ingubo ngolunye usuku, futhi wayenokukholwa okukhulu kangangokuthi Wakuzwa. NeZwi laKho lithi, Baba, ukuthi, kulobubusuku, ukuthi uJesu, iNdodana yaKho, ungumPristi wethu oMkhulu, futhi Isengathintwa ngokuzwelana nobuthakathaka bethu.

271 Kukhona labo abagulayo phakathi lapha. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzobavumela, okungenani oyedwa noma ababili, noma okuthize phakathi lapha, Nkosi, ukuze abantu babe nokuthile abangabambelela kukho, njengoJakobe, futhi bazi ukuthi nguMoya oNgcwele, futhi bangalokothi bakudedele baze babusiswe. Kwangathi, uma Ungenza lokho nje, Nkosi, wonke umuntu ogulayo phakathi lapha uzobamba lesosithembiso esifanayo, futhi bahlale naso ngqo kuze kube yilapho sebeqinisekile enhliziyweni yabo ukuthi isibusiso sikaNkulunkulu sihlezi phezu kwabo.

272 Manje, nginikela lezizethameli kuWe, uMlayezo kanye nami uqobo, ngenxa yemisebenzi yaKho. Kungaphezu kwalokho engingakwenza, kumbe noma ubani omunye angakwenza, kusukela lapha kuye phambili, Nkosi. Kufanele kube nguWe, ngakho Zifakazele ukhona, onguye izolo, namuhla, naphakade, uNkulunkulu ongaguquki. EGameni likaJesu Kristu, ngicela lokhu. Amen.

273 Angiwuzwa uMoya waKhe, niyabo, ngaleyondlela. Yisiphiwo. Lokho akusho ukuthi SekunguMoya oNgcwele owedlula lowo umntwana omncane abengaba nawo. Yisiphiwo nje esihambisana noMoya oNgcwele, ukwenza iZwi liphile. Manje, lokhu, awunakho . . . Uma Eyokwenza, awufanele ukhathazeke. Yi—yiZwi elibonakalisiwe. YiZwi elibonakalisiwe.

274 Manje ngifuna nje ngamunye wenu bantu ukuba ucabange lokhu enhliziywemi yakho. Nje—nje cabanga lokhu. Awudingeki ukuba ukhuleke kuzwakale. Khulekela ngaphakathi nje. "Nkosi, ngiqinisekile ukuthi uMfowethu Branham akazi lutho ngami. Akasazi isifo sami. Akazi lutho ngami. Futhi angizami ukuthinta lowo mfundisi. Kodwa usitshele ngokusobala ukuthi UbungumPristi oMkhulu, futhi ngikufundile. Futhi ngi—ngiyaKucela, mvumele nje akhulume kimi, njengoba uJesu akhuluma kowesifazane e . . . owathinta ingubo yaKhe. Futhi nje . . ."

275 Noma, uma ungaguli, yithi, "Nkosi Jesu, makuthi . . . Bengilokhu ngimanqikanqika kancane ngalokhu, nganoma yini okungaphezu kwemvelo. Kodwa ngingathanda ngempela ukuba nento ethile engingabeka isandla sami kuyo. Ngakho makakhulume no*Sbani-bani* phakathi lapha. Ngiyamkhulekela owesilisa noma owesifazane. Vuma—vuma yena ukuba akhulume kanjalo. Ngizokholwa." Kuzosusa konke kuwe. Lokho kuzoba yinto ethile ongabeka kuyo izandla zakho, njengoJakobe, bese uthi, "Yilokhu-ke." Wabamba uNkulunkulu, ngesinye isikhathi, wayesethi, "Ngilapha. Ngingayibamba."

276 Kungenza nonke nikholwe na? Uma ubungathanda, phakamisa isandla sakho. Uthi, "Nje—nje phakamisa nje ukukholwa kimi," nxazonke, "uma ngingakubona kwenziwa." UNkulunkulu akubusise.

Angisho ukuthi Uzokwenza. Ngethemba ukuthi Uzokwenza.

277 Ngesinye isikhathi, ngehla ngisuka entabeni, Wathi, "Konke kuyenzeka, uma ungakholwa kuphela," kuyise womfana onesifo sokuwa. Uma nje singakholwa! Othile ogulayo noswele, kholwa. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke. "Uma ungakholwa, zonke izinto ziyenzeka."

"Uthi ulindeleni, Mfowethu Branham na?"

278 Wonke umuntu phakathi lapha, akungabazeki, kade ngisePhoenix izikhathi eziningi kakhulu, ngiKubonile, ngishumayela umlayezo onjengalona. Kodwa, KungukuKhanya. Banaso isithombe saKho. Noma yimuphi, iningi lenu nonke, nikubonile ukuKhanya. Anikubonanga na? NinaKho ezithombeni nezinto. Lapho, KuseWashington, DC Baphinda baKuthola lapha, ngolunye usuku. Niyabo? Lokho kufakaza ngaKho uqobo, yiNsika yoMlilo eyahola abantwana bakwa-Israyeli ehlane.

279 LeyoNsika yoMlilo yenziwa inyama yahlala phakathi kwethu. UJesu wathi, "Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngiya kuNkulunkulu." Ngemva kokuvuka kwaKhe Wenyukela kweliPhezulu.

280 Futhi ngenkathi Esenyukile, Wahlangana noPawulu endleleni eya eDamaseku, futhi Wayesebuyile ekuKhanyeni futhi. UPawulu wayengaKubona. Bonke abanye abakwazanga ukuKubona. Kwaze kwamenza impumputhe. Wayephuphuthekile. Futhi wathi ubone lokhu kuKhanya lapho, kukhanya njengelanga. Wathi, "Nkosi, Ungubani?"

281 Wathi, "NginguJesu. Futhi kunzima kuwe ukukhahlela iva."

282 Manje, lokho kuKhanya okufanayo, isithombe saKho, uma lokho kungukuKhanya, uma leyo kuyiNsika yoMlilo efanayo, uJesu ofanayo owayesendleleni eya eDamaseku, uPawulu, Kuyokwenza imisebenzi efanayo. Kufanele.

283 NaKhu. Mayibongwe iNkosi. NgiyaKubonga, Nkosi Jesu. Manje ake uSathane azame ukusho okuthize!

284 Lelinenekazi elincane elihlezi lapha ligqoke ilokwe eliluhlaza okwesibhakabhaka, linenkathazo yamankanka, likhuleka, ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho futhi izokushiya. Uzokukholwa na? Kulungile-ke, ungaba nakho. Angikaze ngimbone owesifazane, angikaze ngimbone empilweni yami. Lezozinto ziyiqiniso, azinjalo, nenekazi na? Uma ziyiqiniso, phakamisa isandla sakho, emuva naphambili. [Udade uthi, "Ziyiqiniso."—Umhl.] Ubukhuleka ngalokho, "Nkosi, myeke . . . " Yiba nokukholwa.

285 Nakhu kuhlezi inenekazi elihle elincane, lihlezi khona emuva lapha, ligqoke ijazi elincane loboya noma okuthize. Nakho lokho kuKhanya. Awukuboni lokho kulenga phezu kwalowo wesifazane lapho na? Lowo wesifazane usesimweni esibucayi. Angimazi, angikaze ngimbone empilweni yami.

286 Uma siyizihambi, phakamisa isandla sakho. Kodwa, lalela. Ingabe lokhu akuwona oyiqiniso, umuzwa ongavamile ngempela ukuzungezile, umuzwa omnandi ngempela, othobekile na? Lokho yilokho kuKhanya. Ngibheke ngqo kuKho. Lapha. Unesimila. Hhayi isimila kuphela, kepha izimila. Zikuwe wonke. Kunjalo. Akunjalo na? Uyakholwa na? UNkulunkulu akuphulukise futhi akusindise. Yiba nokukholwa.

Uyakholwa na?

287 Lapha, inenekazi elincane liphakamise isandla salo, khona emuva *lapha*, lihlezi emva kwalomntwana, esihlalweni esinamasondo. Angilazi lelo nenekazi. Angikaze ngilibone. Siyizihambi. Asiyizo, nenekazi na? Kodwa ukhulekela inkathazo yenhliziyo, ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa. Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho *kanje*. UJesu ukuphulukisile. Hamba uye ekhaya uphile.

288 Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke manje na? "Uma ukholwa, konke kuyenzeka." Yiba nokukholwa. Ungakungabazi. Kholwa nje ngakho konke . . .

289 Nakhu kuhlezi owesifazane khona nga*lapha*, ehlezi phansi ngqo, abesifazane abathi ababe babili abavela kuNkk. Sharrit. Uhlezi lapho, ekhuleka. Unesifo samathambo. Kukholwe, nenekazi. Uyakukholwa na? Kulungile. Kwemukele.

290 "Kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa." IBhayibheli lathi kuyoba njalo. UNkulunkulu ongaguquki!

291 Ngitshele ukuthi bathinte Bani. UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade. Mina, ngesizotha, izandla zombili ziphakeme, angikaze ngibabone labobantu phambilini, angazi lutho ngabo. Kodwa Lowo Okhona manje, ubungeke ukufihle ukuphila kwakho ukuba ubudingeka. Kunjalo. Ulapha. UnguKristu. Kungokwangempela. Yisithembiso saKhe, uNkulunkulu ofanayo. Awukwazi ukukubamba na? Kubambe bese uthi, "Ngokwami. Manje ngiyakholwa."

292 Baba waseZulwini, ngiletha lezizethameli kuWe, lababantu abagulayo. Baswele. Njengoba sicaphunile izolo ebusuku, kwakukhona umelusi wezimvu omncane ngesinye isikhathi, ogama linguDavide. Wanikezwa umyalo, ukuba anakekele izimvu zikayise. Baningi abelusi bezimvu abahlezi lapha kulobubusuku, futhi, Nkosi. Futhi wayengenakho okuningi kakhulu kokuzivikela, nokuvikela izimvu, ngaphandle kwendwayimane nje. Kwakwenele lokho. Ngelinye ilanga kwangena ingonyama yathatha enye yezimvu zakhe, yayikhipha. UDavide wayazi ukuthi uNkulunkulu waseZulwini wayenaye, wadumela lendwayimane walandela imvu. Futhi wayibulala ingonyama, wayiwisa phansi ngendwayimane, wase ebuyisa imvu iphila.

293 Baba, ukugula, udeveli, ngaphezu kwengonyama, ubambe eziningi zezimvu zaKho. Nginendwayimane encane lapha; ibizwa ngokuthi umkhuleko nokukholwa. Akububukeki kangako, phezulu ohlangothini lwezikhali zesayensi yezokwelapha. Kodwa, Nkulunkulu, Wena qondisa lomkhuleko kuleyondawo lapho.

294 Sathane, bakhulule. Ngiza ngemva kwalezo zimvu. Bakhulule. Ngibabuyisela edlelweni likaBaba futhi kulobubusuku.

295 EGameni likaJesu Kristu, ngikhuza wonke udeveli wokugula, ngibakhipha kulababantu. Futhi sengathi bangahamba, bakhululeke, kusukela kulelihora kuqhubeke, ngeGama leNkosi uJesu Kristu.

296 Bonke okholwa ukuphulukiswa kwenu, yimani ngezinyawo zenu, bese nithi, "Manje ngamukela ukuphulukiswa kwami. Ngibeka izandla zami phezu kwaLokhu, lowo nguKristu, futhi ngiyakukholwa ngenhliziyo yami yonke."

Umelusi wenu.

